# *Mnumzane, Sithanda Ukubona UJesu*

Kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

2 Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu manje senzela izwi lomkhuleko, angazi ukuthi ngabe bangaki lapha abangathanda ukukhunjulwa, ukuba nje uphakamise isandla sakho, futhi wazise isicelo sakho na? Kulungile. Asikhuleke.

3 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngale, inhlanhla enkulu esinayo yokubuthana ndawonye futhi ngaphambi kokuFika kweNkosi. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi lokhu nje akuzukubasikho ukubuthana nje ndawonye okujwayelekile, kodwa kuzoba ngukubuthanela kuWe, ezibophweni zothando lwaKho nenhlanganyelo. Sikhulekela ukuthi Uzosindisa wonke umuntu oza emhlanganweni. Gcwalisa labo ngoMoya oNgcwele akade baWulangazelela, Baba. Philisa wonke umuntu ogulayo nohluphekile. Kwangathi singahlala ngenhlonipho yokuzithoba futhi sithule, silindele kuWe, futhi silindele ukufika kwempendulo esikade siyikhulekele. Busisa lomelusi, uMfowethu Vick, noMfowethu Boze nabobonke abanye abefundisi, bonke ababangani bethu. Manje sizinikela thina uqobo, nalesisakhiwo, kuWe. EGameni leNkosi uJesu, ukuthi ngenkathi sisabuthene lapha, Uzosisebenzisela inkazimulo yaKho. Amen. Amen. (Ningahlala phansi.)

4 Kuyinhlanhla enkulu ukuba lapha. Kade ngalinda isikhathi i . . . enye yezinto ezisemqoka ze . . . Njengoba ngishilo kumelusi, kulokhu ukusa, uhambo lwami oluya endaweni engcwele belungukuhlangana noMfowethu Vick, nokuba nalesisikhathi senhlanganyelo naye nani bantu.

5 Angitholi ukuya eNew York kaninginingi kakhulu. Kubukeka sengathi ku . . . Ngakhe eTucson, eArizona, niyazi, futhi njalo ngikhonzisa phandle eNtshonalanga lapho. Futhi silungiselela ukuya phesheya kwezilwandle manje, masinya, okolunye cishe impela uhambo lomhlaba jikelele. Futhi ngakho ukwazi ukuthi ngifanele ukufika eNew York ngaphambi kokuwela, impela ngikuthatha ngokuthi kuyinhlanhla enkulu nesibusiso esivela kuNkulunkulu ukuba ngibe lapha nani.

6 Manje, angizi, njengoba benazi ngaphambili, ukumela noma yiliphi ibandla elithize noma yiliphi ihlelo elithize, noma isiphi isivumokholo. Ngithanda iNkosi nje, nomunye wenu, ngakho

silapha nje ukuba siMkhonze. Futhi manje, futhi siMkhonza njenge . . .

7 Wena uthi, "Awu, njengoba ukhuluma kithi, Mfowethu uBranham, si, futhi ku—kukhonza iNkosi." Awu, njengoba nikholwa emuva, futhi ndawonye sikhonza iNkosi. Sobabili ndawonye kwenza ubunye.

8 Niyazi, ngangivame ukusebenza njengosogesi. Futhi ngithola ukuthi ungabanentambo enenqwaba yokuhamba kukagesi, kodwa ayisebenzi ize ixhunywe emhlabathini. Ngakho uma isixhunywe emhlabathini, khona-ke uthola imiphumela, ukuhamba kukagesi. Ngakho si—sifanele sibe nezingxenye zombili zentambo, uku—ukuwenza usebenze kahle.

9 Futhi uma bekungahle njalonjalo kubekhona isikhulumi esiyisimangaliso kanje, kepha nokho engekho ozoLikholwa, beLingeke lasebenza. Kodwa uma ekhona umuntu ukuba aLikholwe, khona-ke Liba ngelisebenza ngempela. [Umfowethu uthi, "Siyakholwa!"—Umhl.] Futhi si . . . Ngiyabonga, mfowethu. Lokho kuhle. Ngiyakuthanda lokho, "Siyakholwa." Yilokho esikukhonela lapha.

10 Futhi ngikholwa ngempela ukuthi sibhekene nje nesinye isehlakalo esikhulu. Ngi—ngithemba ukuthi ngukuFika kweNkosi. Kuba . . . Siyazi into ethize izodeda, izwe liphansi kokukhulu kakhulu ukushaqeka. Futhi kukhona okungalungile. Wonk'umuntu uyakwazi lokho. Futhi ngi—ngikholwa ukuthi sibhekene nenye into enkulu, futhi ngiyakholwa, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi ngukuFika kwesibili kweNkosi uJesu. Futhi ngithemba ukuthi Uzothulula uMoya waKhe phezu kwethu, futhi uzokwembula kithi izinto esifanele sizenze ukuba sibe ngabalungele ukuFika kwaKhe.

11 Manje, ngiyaqonda, ukuza lapha noMfowethu Vick, lababazalwane, ngi . . . Ngumsebenzi omkhulu, ngoba bekunamadoda amakhulu amaningi phakathi lapha, izikhulumi ezinkulu ezinogazi. Ngangizwa uMfowethu William Booth-Clibborn, ngesiny'isikhathi, ekhuluma ngokuba nomhlangano omude neRock Church. Ngabe ngikusho kahle lokho na? YiRock Church. Futhi ngilibiza nge "bandla letshe," ngaso sonke isikhathi. Ngakho kuyikho konke engi . . . Futhi ngakho, namaningi amanye amadoda amakhulu eke yaba lapha ivakashile. Futhi bengikulangazelele ukuba kanye nebandla qobo lwami. Nokuhlangana namadoda . . . Noma ngingene epulpiti lapho abantu elalele khona amadoda anjengalawo, nomelusi wenu, uMfowethu Boze, uDokotela Lee Vayle, nabaningi balabo abanye abefundisi abakhulu, ku—kuthi nje ukungenza ngizizwe ngithi ukuba mncane. Kodwa ngilapha ukwenza ingxenye yami kulokhu. Mhlawumbe umunwe uzizwa uthe ukuba mncane e—emqondweni, kodwa nokho u—ufanele uhlale ungumunwe. Niyabo, si—sifanele sibe nawo.

12 Ngakho manje indikimba encane nje ejwayelekile, ukuze singezukuhlala isikhathi eside kakhulu, indikimba encane engivame ukuyethula emhlanganweni, futhi njalo ngizame ukuzungeza ndawondawo ngokwehlukile.

13 Besizoba nomugqa womkhuleko, kulobubusuku, wokukhulekela abagulayo e...e—emgqeni womkhuleko. Nendodana yami, engihlangane nabathandekayo...abanye babantu bebandla letshe, kulokhu ukusa, iRock Church, ngiyaxolisa. UMfowethu Boze ungitshele ukuthi lokho bekungenxa yokuthi bengivela eNtshonalanga, isizathu ngilibiza nge—ngetshe; phandle lapho balibiza ngetshe, lapha balibiza ngedwala. Ngakho ngihlangana nalabobantu abakahle, futhi ba...yonk'into siyibeke ngokuhlelekile, ngathi, "Manje ngizowela." Futhi banginika isixhobo samakhadi omkhuleko, ngathi, "Thathani lawa bese nithi indodana yami ayiwanikezele, ukuze sikwazi ukukhulekela abagulayo." Awu, ibingazi ukuthi besizokwenza ngaleyondlela, ngakho yona nabanye abazalwane bese bephumile futhi sebehambile, futhi abangenanga ngesikhathi ukunikezela ngalawomakhadi. Kodwa ngithemba ukuthi sebevele bamemezele ngeny'indlela ukuthi bazowanikezela kusasa, nokho kungukuthi, ukuthi bazowanikezela kanjani kusasa.

14 Kodwa ngase ngicabanga-ke, kulobubusuku, ngokwethulwa okuncane kwalokho esifuna ukukhuluma ngakho.

15 Manje, abantu abaningi, bekhuluma ngo—ngokuphilisa kukaNkulunkulu noma yiyiphi enye indaba eBhayibhelini, into yokuqala esiyitholayo, isithiyo esikhulu kunazo zonke, singukuthi, abantu bazama ukukwakhela phakathi kwasemuva le enkathini edlule noma le ngale enkathini ezayo, noma kuphakeme kakhulu ngangokuthi akukho-muntu ongafinyelela kukho. Manje lokho nje ngudeveli owenza lokho.

16 Ngoba, iBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Uhlala njalo enguNkulunkulu. Futhi nje Mkhulu nje nabantu baKhe, nxa Ethola amakholwa namhlanje, njengoba Wayelokhu enjalo njalo. Futhi—futhi ngikholwa ukuthi iZwi liyileliBhayibheli, ukuthi liyiZwi likaNkulunkulu, futhi nje alingaphezulu futhi alingaphansi. Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu angenza izinto Angazilobanga eBhayibhelini, ngoba UnguNkulunkulu. Kodwa inqobo nje uma ngazi ukuthi engiMbona ekwenza, Ulobile phakathi lapha, ukuthi Uyokwenza, khona-ke ngiyazi ukuthi ngiqinisile, leyondlela. Futhi ngakho U...Yebo, Ukugcina kangako lokho, kuzongenela, ngoba ngiyabona phakathi lapho ukuthi, "Yalinyazwa ngeziphambeko zami, yachotshozwa ngobubi bami, isijeziso sokuthula kwami siphezu kwaYo, ngemivimbo yaYo ngiphilisiwe mina." Ngakho lokho kungiqedela uhambo.

17 Futhi—futhi Wakwethembisa, ukuthi si . . . Wayezosivusa ngomuhla wokuphela, ngakho sibheke lesosikhathi ukuba sifike. Abaningi abangcwele abangamagugu balindele, kusobala, lelohora.

18 Manje, lokhu, uNkulunkulu uzofanele ehlulele a—abantu, izwe. Sikholwa ukuthi kuzofika usuku ukuthi lapho uNkulunkulu ezokwehlulela khona izwe ngoJesu Kristu. Manje kuzofanele kubekhona umgomo othize, ndawondawo, Azokwehlulela ngawo.

19 Awu, ngoba abantu abaningi kakhulu namhlanje bebengathi, "Awu, yimi," ngisho nabantu bathi bangu, "Kristu," futhi, "NginguKristu," futhi, "NgingokaKristu," futhi, "*leli*hlelo lingelikaKristu, noma, *leli*hlelo." Bekungathi ukudida kancanyana ukuba ubungekho umgomo othize.

20 Manje uma ngiyobuza abantu abangamaKatolika endlini lapha, kulobubusuku, "Ngabe wena, ucabanga ukuthi uNkulunkulu uyolehlulela ngani izwe na?"

Bebezothi, "Awu, umgomo webandla eliKatolika."

21 Ngingahle ngibuze mhlawumbe ngelinye ihlelo elithize. Ngani, belizothi, "Ngani, umgomo webandla lethu." Bangahle bangakuvumi ngqo—ngqo, kodwa izenzo zethu ziyafakazisa ukuthi yilokho esikucabangayo. Kodwa manje-ke yiliphi ibandla ebelingaba ngeliqinisile na? Niyabo, besingeke sazi ukuthi siyephi. Futhi manje-ke akungalo noma yiliphi iqembu, noma yiliphi ibandla, noma yiliphi ihlelo.

22 Kuzoba ngeZwi laKhe. Niyabo, yilowo umgomo. Niyabo? Ngoba Wayeshilo kweso 1, uJohane, uJohane oNgcwele isahluko 1, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu, onguyena izolo, namuhla, naphakade." Ngakho *Yi*lento eyodwa Angehlulela izwe ngayo, ukuthi sonke sizofanele siphendule kuyo, leNcwadi. Futhi ngakho ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzovula leNcwadi kuleliviki, kithi, emiLayezweni yobuvangeli, nasezihumushweni Azokunikeza, qobo lwaKhe, zeZwi laKhe, indlela nje eLilotshwe ngayo nje, bese esihumushela Lona, bese kuthi-ke azikhombise Yena uqobo ephila lapha nathi, uku—uku—ukwenza lokho.

23 Manje ziningi izinto esingazisho. Namadoda angasho noma yini, ngiqagele, afisa ukuyisho. Kodwa kuNkulunkulu ukuyisho, lokho kuyenza ibe ngeqinisileyo. Bese kuthi-ke uma uNkulunkulu eyisho, bese ebuyake futhi afakazise ukuthi Wayisho, khona-ke akukho mbuzo lapho, yonke ilungile.

24 Manje akesithi, uma nifuna ukuthi ukulandela lezizindikimba zangokomBhalo; ngiyabona, ngikholwa ukuthi bathatha iteyipu ngapha. Futhi ngiyakholwa manje, singakafundi, kuzobakhona futhi . . .

25 Ngizokhuluma ngeSonto. Kunjalo, Mfowethu Vick na? [UMfowethu Vick uthi, "Kunjalo."—Umhl.] NgeSonto ekuseni noma ngeSonto—Sonto ebusuku na? ["Ubusuku, iviki lonke."] Ubusuku, iviki lonke. ["Ya."] Futhi azikho izinkonzo zasemini, azikho izinkonzo zasemini. Kulungile. Manje, sizobeke sesi . . .

26 Bangaki abangathanda ukuba nenkonzo yokuphiliswa, kukhulekelwe abagulayo na? Ake sibone izandla zenu, kwenyuke njalo. O, he! Kuse—kuseningini, ngokukhulu, ngiqagele okwamakhulu angamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye nokwamakhulu angamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye. Lokho kuthi akube . . . Awu, lokho kuhle. Kodwa si . . .

27 Manje, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu akusiwo wonke uMlayezo. UJesu wayebeka, ngicabanga ukuthi basho, cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili enkonzo yaKhe yayisekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Kodwa njengoba u—uMfowethu Bosworth ongasekho . . . Abaningi benu babemazi uMfowethu F. F. Bosworth, enokumesaba uNkulunkulu, indoda enobungcwele. Wayevamise ukusho, ukuthi, "Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kufana nesicupho nje ehhukwini. Awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku, uyikhombisa isicupho." Futhi u . . . Futhi—futhi ngakho ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kungokuncane. Futhi awusoze walinganisa okukhulu kokuncane, kodwa kuholela kokukhulu. Ngakho, si—siyakubona lokhu.

28 NeBhayibheli liqinisile, lonke iZwi. Futhi ngiyezwa ukuthi singalengisa umphefumulo wethu phezu kwayinoma yiliphi iZwi leBhayibheli. LiyiZwi likaNkulunkulu, futhi ngingahle ngingabi nakho ukukholwa okwenele ukukwenza konke kusebenze, kodwa ngempela ngiyakholwa ukuthi kungenziwa, uma sinokukholwa okwenele ukukukholwa. Yebo, uma bebengakukholwa.

29 Manje eNcwadini kaJohane oNgcwele 12:20. Abaningi benu obesemihlanganweni ngaphambili, lena kuzoba yindikimba ejwayeleke impela, ngoba ngiyisebenzisa njengendikimba yokuvula ukwethula lokho engifuna ukukusho iviki lonke, nesifuna ukuxoxa ngakho, bese-ke kuba ngamaHeberu 13:8. KuJohane oNgcwele 12:20.

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka* emkhosini ukuba bakhonze:
>
> *Lawo-ke ayakuFiliphu, wase*Bethesda *laseGalile, futhi acela kuye, athi, Banumzane, sithanda ukubona uJesu.*

30 Futhi ngifuna ukuthatha amagama amahlanu nje kulokho. *Mnumzane, Sithanda Ukubona uJesu.* Bese-ke kuba kumaHeberu 13:8.

> U*nguyena izolo, . . . namuhla, naphakade.*

31 Manje uma Enguyena, futhi, izinhliziyo zethu kulobubusuku, ngiqinisekile ukuthi ngikhuluma kwezimbalwa impela kulomhlangano, ukuthi izinhliziyo zethu zilambele impela nje ukubona uJesu Kristu njengoba lawomaGreki ayenjalo. Si . . . Akekho ongake aMuzwe, ongethande uku— ukuMbona. Bekuyisifiso senhliziyo yami ukwazi ubuqiniso.

32 Futhi ukuba ne—ne—nesehlakalo esibanzi kuthi ukukhokhela kancane ngokusilela kwemfundo yami, ngokuba nokusebenzana nezinye izinkolo, njengoBuda nje, no—nokaMohamede, nezinhlobo ezehlukene zezinkolo. Ngizibone ngokujikeleza ngijikeleza umhlaba, njengoba ngihambile, futhi ngazibuka futhi ngazihlolisisa. Kodwa yinye kuphela eyiQiniso engikholwa ukuthi iqinisile, okungukuthi yile, ubuKristu, niyabo, futhi manje-ke yi—yiyona kuphela engafakazisa ukuthi uMqambi walenkolo akafile. Manje ngi . . .

33 Baphatha, banehhashi elihlezi e . . . noma elimiyo, njalo, ethuneni likaMohamede, futhi bakholwa ukuthi ngoluny'usuku uyovuka bese egibela izwe ehle ekunqobeni. Futhi, kodwa ufile. Sekungamakhulu amaningana eminyaka afa. UBuda wafa cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili-nantathu eyadlula, wayeyisazi sokudabuka kwezinto e—eJapani, eShayina.

34 Kodwa manje inkolo yethu, kaKristu, Wafa, Wadingeka afe ukuze asisindise. Kodwa sikhombisa ithuna elingenalutho. Futhi manje ukuPhila kwaKhe, kwabonisa kithi, kufakazisa ukuthi Akafile, niyabo, ne—nezithembiso zaKhe.

35 Manje, kusobala, uma ubungasho lokho esizweni sakwamanye amazwe, phakathi kwabakaMohamede, bebeyothi, "Ya, ubonisa ukuphila kwakhe kithi. Kodwa akazange enze sithembiso, niyabo, lezizithembiso." Kodwa wathi, "UJesu wakho wenza lezizithembiso, manje silindele ukubona nina bafundisi nenza lokho Athi Wakwethembisa." Niyabo, kuyilokho-ke ukulinda.

36 Futhi yilapho ababamba khona owethu uMfowethu Billy Graham, lowomfundisi kaMohamede, awu, ngokuthi, wathi, "Uma lo . . . Letha nje abangaka, nami ngizoletha abangaka, futhi ngizokwenza kakhulu ngabo njengoba nawe uzokwenza."

37 Awu, leyo kwakuyinselelo impela. Kodwa uyophosela inselelo lokho kumuntu ongalungile ngoluny'usuku bese kuthi-ke, niyabo, kuyoba njalo. Manje, benginga—bengingakholwa ukuthi—ukuthi Unguyena izolo, namuhla, naphakade.

38 Manje, ngokwemiBhalo, sifanele ukuba yi "zincwadi ezilotshiwe" zaKhe. IBhayibheli lithi siyi "zincwadi ezilotshiwe." Futhi uma, kulobubusuku, besingalamba futhi somele ukubona iNkosi uJesu Kristu, thina njengamakholwa angamaKristu sifanele sibonise ukuPhila kwaKhe, kakhulu impela, kuze kube ngowaKhe omele konke. Sifanele sibe

yilokho. Wonke umKristu ufanele abe ngomele futhi abonise ukuPhila kukaJesu Kristu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi ngikholwa ukuthi wonke umKristu ufanele ngabe ubonisa ukuPhila kukaKristu. Wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Manje-ke siyazi ukuthi lokho kuqinisile, ukuthi singabaMmele. Futhi uma sizisho ukuthi uKristu uphila kithi, futhi uma uKristu ephila kithi, khona-ke sifanele senze njengoba uKristu enza. Sifanele sibonise ukuPhila kwaKhe.

39 Ukuba-ke bengithe, kulobubusuku, ukuthi u—ukuthi ukuphila kukaShakes-. . . Ukuba-ke bengithe uShakespeare wayephila kimi, noma uthe uShakespeare wayephila kuwe na? Kulungile, ubuyobhala izinkondlo uShakespeare azibhala, ngoba uShakespeare uphila kuwe. Ukuba ke ubuthe uBeethoven wayephila kuwe na? Ubuyoba ngumqambi omkhulu uBeethoven ayenguye, ngoba uBeethoven uphila kuwe. Awukho ngesingawe, manje usunguBeethoven noma unguShakespeare.

40 Manje-ke uma uKristu ehlala kuwe, nakho lapho okhona, uyabo, ukuPhila kukaKristu uyakuphila. Niyabo, kuyileyondlela nje, uma Ehlala kuwe. Kodwa ungeke wahlala phakathi lapho naYe; Uzofanele ahlale kuwe. Lokho kuhlala kubanjalo, Uthatha indawo yakho, futhi sifanele ukuMmela ngandlela zonke.

41 Manje sithola ukuthi ibandla lokuqala laMmela, njengezincwadi ezilotshiwe, ukuPhila kwaKhe kwakuphila ngalabobantu. Ngingeke ngaqhathanisa ibandla lethu namhlanje. Nje—njengoba kulikhuni nje ukusho lokhu, kakhulu nje njengoba ngithanda abantu, nokho nifanele nibeqotho futhi nikhulume iQiniso. Ngeke ngasho ukuthi siyabona, emabandleni namhlanje, ebonisa uKristu ngendlela labobantu abenza ngayo.

42 Bona, babazi ukuthi babekade benoJesu. Sithola ongcwele. . . Qabo, ngikholwa kuthi kuseZenzweni isahluko 4, ukuthi siyathola, ukuthi labobadobi, uPetru noJohane, futhi bephilisa indoda eSangweni eliHle, futhi wayekwazi ukuphendula noma yimuphi umbuzo aba—aba. . . iSanhedrin yabuza ngabo, yababuza; nokho, bona nokungazi kwabo, futhi bengafundile. Bakubona lokho. Babengenamfundo, futhi babengesibo abefundisi abaqeqeshiwe, babengabadobi. “Kodwa bababona ukuthi babekade benoJesu,” niyabo, yingenxa yokuthi babenza ngendlela efanayo Ayenza kubo.

43 Ungaphila nje nomuntu-mumbe isikhathi eside kakhulu, futhi ube ngakubo, uze uthathe izindlela zabo. Futhi kuhle kithi ukuba singagijimi sichezuke futhi sihlale nezwe. Kodwa sihlale noJesu size sikwazi ukubonisa, ukuPhila kwaKhe kuboniswe empilweni yethu.

44 Futhi yileyondlela labo bafundi ababeyiyo. Bona, babazi ukuthi babekade bengakuJesu, ngoba babekhuluma njengaYe,

benza njengaYe, futhi baphilisa njengaYe, futhi zonke izimpendulo zazinjengaYe. Babephefumulelwe njengaYe, futhi babazi ukuthi Wayephila kubo. Yilokho esifanele sibe yikho ngasosonke isikhathi, njengamakholwa. Bona benza njengaYe, ngoba, uma uzimatanisa nomunye isikhathi eside kakhulu.

45 Siyathola eBhayibhelini, ngale eNcwadini yamaKhosi, ukuthi kwakukhona indoda egama linguJehoshafati, indoda elungileyo. Futhi kwakukhona indodana kaAhabi, uJehoramu, futhi wayethatha imikhuba kayise, kwase-ke kuba yinkosi yase Edomi. Base-ke bememezela impi, abakwaMowabi bakwenza, phezu kukaIsrayeli ngalesosikhathi. NoJehoramu eyinkosi, emva kukayise, ngani, wabiza uJehoshafati. NoJehoshafati, indoda elungileyo, wayengafanele neze ukuzixhumanisa nalomuntu ongalungile. Kodwa izikhathi eziningi amaKristu ayakwenza lokho, engacabangi nje.

46 Futhi ngakho bathatha inkombandlela yezinsuku eziyisikhombisa base beyongena e—ehlane, futhi, kutholakala ukuthi, babephelelwe amanzi. Nomunye wabo wamemeza, "Maye, ngoba uNkulunkulu ukhiphele lamakhosi lapha ukuba awabulale!"

47 Kodwa uJehoshafati, eyindoda elungileyo, ngesikhathi senkathazo, wakhumbula ukuthi uNkulunkulu wayesaphila. Niyabo, kungakhathaleki nge. . .Nakuba sibuyele eceleni sase senza okungalungile, nokho uNkulunkulu usalokhu enathi. UNkulunkulu usalokhu efana. NoJehoshafati, ekhumbula lokhu, wakhala, "Akekho yini umprofethi weNkosi ndawondawo, esifanele simbuze na?"

48 Nenye yezinceku zenkosi yakwaIsrayeli, yasho emuva, "Yebo, nangu uElisha. Wathela amanzi ezandleni zikaElija."

Futhi uJehoshafati wathi, "IZwi leNkosi linaye."

49 Ngani na? Bukani inhlangano yakhe. Niyabo, yena, babazi ukuthi lendoda yayikade izihlanganise nomprofethi wangokoqobo. Futhi bazi ukuthi kwakukade kuyilolohlobo lwabahambisanayo. Futhi hlalani kulolohlobo lokuhambisana, wadingeka ahambe impilo eqonde impela, futhi wayengasho lutho. . .ngoba wayekade ekhuliswe phansi kokufundisa kwalomprofethi omkhulu, uElija.

50 O, bekungaba njani namhlanje ukuba ibandla kuphela belingahlala noKristu, phansi kokufundisa kukaMoya oNgcwele, ungalishiyi neze leloZwi ngenxa yezivumokholo noma lutho, Likholweni nje ngendlela eLilotshwe ngayo. Namadoda ndawo zonke abezokwazi ukuthi ubunoJesu, futhi. Ubeyokwazi kanjalo-ke.

51 Kodwa, namhlanje, kubi kakhulu. Sithi ukubuka isifundiswa esikhulu esiqeqeshekile noma okuthize. Yilowo-ke esicabanga ukuthi sithola uKristu kuye. Siya ezikoleni. Sithumela abafana bethu, futhi basuke baye esikoleni, baye

emakholiji; okungukuthi kulungile, kodwa, siyathola, bafunda ukuthi zikhulunywa kanjani izinkulumo ezingubuqaphuqaphu, futhi benza izinkulumo ezinkulu. Futhi—futhi bangamadoda akahle, akungabazeki, nezinkulungwane zabo. Futhi bayazi ukuthi luwezwa kanjani uhlelo. Bayazi ukuthi kumiwa kanjani emsamo, bayazi ukuthi we—wethulwa kanjani uKristu kubantu. Kodwa uthola ukuthi, okuningi kakhulu kwalokho, inqwaba yakho, okuningi kakhulu kwakho, yileyondoda nje; ingesiyo ncamashi omele uKristu, kodwa umfundisi wemfundo ephakeme. Niyabo, uyazi, uqeqeshelwe ukunikeza isifundo. Ubungamcela anikeze i—inkulumo empeleni ebingaba ngeshaqisa abantu, ebuqaphuqaphwini bakhe benkulumo nokuthi ubengazibamba kanjani, nokuthi ubengabababamba kanjani abantu bashaqeke. Futhi, kodwa siyathola, wakufunda lokho ekholiji ndawondawo, ndawondawo lapho ababemqeqesha khona ukuthi akwenze kanjani.

52 Kwakwehluke kanjani kuPawulu oNgcwele, ngenkathi ethi, "Angifiki neze kini ngobungcweti bokukhuluma noma nokuhlakanipha kwezwe, kodwa ngamandla kaMoya oNgcwele; ukuze ukukholwa kwenu kungemi ngokuhlakanipha komuntu nesiko-mpilo lakhe, kepha nga—ngamandla kaMoya oNgcwele."

53 Yebo, sinelinye iqembu esithi ukuthi, abantu abaningi, ababuka kulo, ngumfo esimbiza ngomfo olungileyo. Usukuma emsamo, uyingcweti yamahlaya ekahle. Angasho amahlaya ambalwa bese ethola bonke abantu bahleke, nabantu bayominyana baphume ndawozonke ukuzwa lawomahlaya. Futhi mhlawumbe awasiwo amahlaya amabi, amahlaya nje akhulunywa emsamo, kodwa a—angicabangi ukuthi lokho kulungile. Manje ngi—ngi . . . lena akusiyo indawo yokwenza amahlaya.

54 Lena yindawo yobujule kunabo bonke yobuqotho. Yileyo indaba ngebandla namhlanje, siyadeda kulobobuqotho obujulile. Sifanele sibe phansi ngqo ekugcineni, siqotho ngalokhu, niyabo. Bese kuthi-ke, uNkulunkulu uyabuthanda ubuqotho, futhi asitholi ukuba qotho ngokwenele ngabo.

55 Kodwa siyathola, lomuntu angahlekisa wonke umuntu futhi eqhubeka, futhi sithi ukufuna lowomuntu. Kodwa, kimi, ubizwa ngokuthi, kimi, mhlawumbe u "mbungazi," noma mhlawumbe kalula nje u "mhlekisi wasepulpiti," yilokho kuphela, niyabo, ukusukuma lapho futhi—futhi ahlekise abantu nje. Kanti, bebefanele, e—ekuFikeni kweNkosi, ekujuleni kobuqotho, bebhekisisa wonke umnyakazo wokubonakala kwaKhe, ngoba asazi ukuthi sikhathi sini nje Angahle abonakale ngaso. Ngakho, asibadingi abafundisi bemfundo ephakeme, asibadingi ababungazi, kanjalonjalo.

56 Manje-ke kukhona esinye isigaba sabantu, esibheke uNkulunkulu, uma babebheke Yena, ekugqokeni komuntu.

Abantu abaningi babona indoda iza yehla ngomgwaqo inokunye okukhulu . . . ifake olunye uhlobo lwesigqoko sezenkolo, ne—nezingubo zokugqoka zezenkolo zilenga, futhi—futhi, bona, bacabanga ukuthi lokho kungukukholwa impela, lokho ngukufana noKristu. Futhi angicabangi kanjalo. Uma lokho bekungaba njalo, khona-ke . . . UKristu wayengagqoki kanjalo, ngakho akukho ekugqokeni. "UMbuso kaNkulunkulu awukho ekudleni nasekugqokeni, kodwa ngukubekezela kuMoya oNgcwele."

57 Babheka abantu, abaningi babo, babheka abantu, abantu babheka uKristu, njalo, phakathi kwezihlobo zabo. Wena uthi, "Umama wami, ubeyilunga *elithize-thize* lebandla eli*thize-thize* iminyaka eminingi kakhulu, noma ubaba wami uyenyuka." Futhi babheka uKristu phakathi kwabantu bakubo kanjalo. "Umndeni wakithi wangikhulisela ukuba ngibe ngu*kuthi-no-kuthi*." Kodwa asimboni uKristu, niyabo, asiLiboni.

58 Niyazi, uMariya noJosefa benza lelophutha, ngesinye isikhathi. Babengabantu abalungileyo. Kodwa benyukela eJerusalema ukuya emkhosini, futhi endleleni yabo sebebuya balahlekelwa uJesu phakathi kwabo. Futhi ngakho baMfuna phakathi kwabantu bakubo, kodwa Akatholakalanga. Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuyiyo yonke inqwaba enkulu, namhlanje. Futhi bahamba bezama ukuthola lapho Ayekhona. Benazi yini ukuthi baMtholaphi na? Khona lapho abaMshiya khona. Kunjalo.

59 Awu, yilapho esizoMthola khona. Yilapho ibandla elizoMthola khona. Angeke siMthole ezifundweni. Angeke siMthole kubabungazi. Angeke siMthole ngendlela esigqoka ngayo, noma ihlelo elingelethu. Sizobuyela emuva oSukwini lwePhentekoste, lapho Afika khona ebandleni, futhi lapho yilapho esiyoMthola khona. Ngoba, yilapho ibandla lasekuqaleni elaMshiya khona, naseMkhandlwini waseNayisiya, futhi yilapho Ashiywe khona selokhu kwasukela lapho. Ngakho, ngukuthi, sifanele sibuyele kulesosikhathi, ukuba siMthole. Sibuyele emuva lapho esaMshiya khona, kuya lapho esingathatha khona iZwi laKhe; futhi hhayi ukwenezela utho kuLo, ukususa utho kuLo. Likholwe nje indlela eLingayo. Lokho yi—lokho yindlela eLilotshwe ngayo, yilokho eLiyikho. UNkulunkulu uLibhekisisile, ukuLigcina ngalendlela, futhi yilowomgomo esiyokwehlulelwa ngawo.

60 Manje lamaGreki ayengabhekile umfundisi wemfundo ephakeme, kuJesu Kristu. Ayengabhekile abahlekisi basepulpiti, njengoba ngishilo emizuzwaneni embalwa edlule. Awabhekile lokho. Awabhekile ababungazi. Ayefuna ukubona Yena, uMuntu, uJesu Kristu. Ayelangazelela ukubona Yena, ngoba ayezwile ngaYe. "Nokukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi." Futhi UyiZwi. Niyabo, UyiZwi. Niyabo? Futhi ayefuna ukubona uJesu.

61 Manje, awazange asho ukuthi ayefuna ukuMuzwa; ayesevele ezwile. Ayefuna ukubona. Lowo kwakungesiwo umbuzo, "Sithanda ukuzwa uJesu. Banumzane, sithanda, thina," ayefuna, noma, "ukuzwa uJesu." Ayefuna ukubona uJesu. Leyo kwakuyinhloso yawo yokubuza, kwakungukuMbona.

62 Hhayi ukuba naYe echazwa. Namhlanje, ngemilayezo emikhulu yokuhlakanipha, singaKuchaza uze ubone isithombe. Kodwa, lokho, lokho akusikho esikubhekile kulobubusuku. Si—asibhekile izihambisi-mishini, sibheke amandla okuhambisa aKho. Yilokho. Ngakho abaningi, niyabo, lokho ngukuthi . . . Sinezihambisi-mishini zezinkolo zeBhayibheli ezenziwe kakhulu sabhodlela, kubukeka njengesikhulu kakhulu esinayishumi nesithupha- noma izinqola zesitimela-ezingamashumi amathathu-nanhlanu zihlezi lapho emzileni. Kodwa uma ungenasitimu kuso, khona-ke i—i . . . Kuthatha amandla okuhambisa u—u—ukwenza ngezihambisi-mishini. Futhi esikudingayo manje ukubona Lokho. Yilokhu esikufundisiwe yonke leminyaka, kuyiQiniso noma qha na? Kuchaziwe, kwaphindwa kwaphindwa kwaphindwa, emakholiji ehlukene namabandla, nokunye nokunye, size sibheke ukubona ukuthi Ubani loMuntu.

Manje wena uthi, "Mfowethu Branham, ungakwenza kanjani na?"

63 Awu, uqaphelile eza encekwini kaKristu, eyayikade iqeqeshelwe ukwazi ukuthi yenzeni. Hhayi nje ukuthi, "Hlalani phansi. Shonini, lindani manje! Hlalani phansi lapha, ngizokuchaza." Qhabo, yawaletha ngqo kuYe, ngoba yilokho ayefuna ukukubona. Wona, athi, "Sithanda ukubona uJesu." Hhayi, "Sithanda usichazele Khona futhi usitshele ukuthi Kumayelana nani." Lowo kwakungesiwo umbuzo. Kodwa ayefuna ukubona uJesu. Futhi wona . . . UNkulunkulu wayenothize emi lapho, uFiliphu, owayengawathatha futhi awakhombise uMuntu, uJesu Kristu.

64 Manje yilokho esifuna ukukubona. Sifuna ukubona uMuntu. Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, sizoMbona uma Efika." Yebo, kodwa Wethembisa ukuthi Yena, kuMuntu kaMoya oNgcwele, uyofika ngezinsuku zokugcina futhi uyoba nathi, abe ngisho kithi, kuze kube sekupheleni kwezwe. Nezinto Azenza, siyozenza futhi. Washo, kumaHeberu 13:8, njengoba ngikucaphunile lokho, "Ungu—nguyena izolo, namuhla, naphakade." Manje kuyoba khona indlela eyodwa kuphela ukwazi ukuthi Uyini namhlanje.

65 Sithola ukuthi asikwazanga ukuMthola kubafundisi bemfundo ephakeme ekahle, ngoba sithola abantu abangasukuma futhi bachaze iZwi ngendlela enjalo, nje ngukuphefumula. Kodwa uma sikuthola, kuselokhu kuyisifundo nje. Niyabo, isifundo nje, yizihambisi-mishini. Futhi sithola

umbungazi ongahamba adabule kuyoyonke iminyakazo, nokunye nokunye, kodwa kusalokhu kungesikho. Thina, akusikho lokho esikubhekile. Sithola uhlobo lwezinkolo, befake izingubo ezinde, nokunye nokunye, lokho kuselokhu kungesikho esikubhekile. Niyabo? Qhabo.

66 Sibheke uMuntu, uJesu Kristu. Niyabo, uMuntu, uJesu Kristu! Manje, uma iBhayibheli lathi, "Unguyena izolo, namuhla, naphakade," khona-ke Ufanele abe yilokho, noma iBhayibheli lasho into eyiphutha. Manje-ke, angikholwa ukuthi uNkulunkulu uyohlulela izwe nanganoma yini eyiphutha.

67 Khona-ke sikuphi futhi na? Niyabo, sonke siphandle esiphithiphithini futhi, ngoba kukhona yonke into, *leli*bandla lithi, "*si*naKho," futhi, "*si*naKho," futhi, "*si*naKho," nokunye nokunye. Kodwa uma unaKho, uyoKukhombisa, kunjalo, niyabo, uMuntu, uKristu Jesu.

68 Manje indlela kuphela eyiqiniso yokuthola ukuthi Uyini, ukuthola ukuthi Wayeyini, niyabo, ngoba Ungongaguqulekiyo. UNkulunkulu akasoze aguquka. Akakaze aguquke. "Unguyena izolo, namuhla, naphakade." Ufanele ahlale efana njalo. IZwi laKhe lifanele lihlale lifana. Amacebo akhe afanele afane njalo.

69 Manje sizame yonke into ezweni, ukuphumelela, sasuka emacebweni aKhe. Kodwa kusalokhu kuhlezi kunjalo, Uyiyona ndlela kuphela. Amadoda izame ukwenza indlela ukufundisa amadoda ukuba ahlanganyele; kwehluleka. Sizame ukuwahlela ukuba ahlanganyele; kwehluleka. UNkulunkulu unendawo eyodwa Ahlangana khona namadoda, lokho kuphansi kweGazi. Futhi ngaphandle kwalokho. . . Akukho kwehluleka. Kunjalo. Ninakho, nifanele nibe nakho, phansi kweGazi.

70 Manje, uma umpristi oyiKatolika, iJuda lebandla loMthetho, nomNazarini, nePilgrim Holiness, nePentecostal, bengama phandle lapha emahlelweni abo futhi baqophisane, usuku lonke gulukunqu, futhi bazisho ukuthi ngamunye mkhulu kanjani kunomunye, kanjalonjalo; kodwa ake bonke beze ngaphansi kwaleloGazi futhi baguqe ngaphansi kwesiphambano, bagaxane, futhi bangabafowethu ngoba bane—banezinto abahlangana kuzo. Futhi yileyonto eyodwa lonke ikholwa elizelwe ngokusha elinakho ngokuhlangana kukho, yiGazi likaJesu Kristu elibahlanzayo.

71 Indatshana, lapha kungekudala, yo—yomndeni, umndeni omncane othandekayo wawuhlakazeka. Indoda nomkayo base befike ekungavumelaneni, futhi babezoba nesahlukaniso. Nommeli wabatshela, wathi, "Manje, uma ningafuni izinkantolo ukuba kezithi ukuthatha yonke into eninayo, nifanele nehlele lapho, futhi phakathi kwenu, futhi nabelane i—impango, evela emndenini wenu, umshado wenu."

72 Ngakho behlela ekhaya, base behlangana ngosuku oluthize. Bangena ekamelweni lokuhlala, base beqophisana

futhi bekhathazeka ngayo yonke into eyayisekamelweni lokuhlala. Base-ke beyongena ekhishini, futhi baqophisana futhi bakhathazeka ngokwakuphakathi lapho, namakamelo ehlukene endlu. Emva kwesikhashana, banquma ukwenyukela ekamelweni eliphansi kophahla endlini enesitezi, ngoba babenetranki elidala phezulu lapho. Babenolunye uhlobo lwezinto ezindala zakudala, abase bazibeka, ngakho benyukela ekamelweni eliphansi kophahla endlini enesitezi ukuba bahoshe lelitranki. Futhi, bona, omunye wayethi, "*Lokhu* ngokwami," "lokhu ngo*kwami*," futhi babephikisana ngakho.

73 Emizuzwaneni embalwa, bavumbulula into ethize, futhi bobabili bafinyelela kuyo, nezandla zabo zaphambana. Kwakuyipheya lezicathulo zengane encane, uNkulunkulu ayebaphile emshadweni wabo, futhi yayithathiwe kubo. Lapho, ubani owayengathi ngezakhe na? Kwakuyinto ababehlangane kuyo. Niyabo? Futhi ngezinyembezi emehlweni alowo nalowo, badonsa izicathulo ezincane phakathi kwabo. Isehlukaniso sachithwa. Niyabo, bathola into ethize eyayisho okuthize kubo bobabili.

74 Futhi ngicabanga ukuthi ubuKristu bufanele benze into efanayo. Singathola into ethize esemqoka kithi sobabili, lowo nguKristu. Niyabo? Lokho kusemqoka kakhulu kithi sonke, lapho singabambana ngezandla bese sima lapho njengabafowethu nodadewethu kuKristu. UnguKristu. Manje ngabe Uyaphila na? Impela Uyaphila, "Uphila kuze kube phakade! Futhi ngoba ngiphila Mina, nani niyaphila."

75 Manje besiyofanele sibuyele emuva, ukuba sibhekisise. Siyazi besingeke siMthole njengo—njengo—ngomfundisi omkhulu wemfundo. Asinakho ngisho nokuqoshwe phansi kwaKhe eke aye esikoleni. Futhi si... Wayengeke abe yindoda egqoke ngokuhlukile, ngoba Wayengena futhi waphuma emadodeni, phakathi kwamadoda, njalo, futhi akazange... Ngani, abantu babengaMazi, bonke babegqoka ngokufanayo. Wayengagqoki njengompristi. Wayengagqoki njengendoda yezenkolo. Wayegqoka njengomuntu ojwayelekile nje. Futhi—futhi manje-ke okwaKhe...

76 Sithola ukuthi iBhayibheli lalotshwa ngolwimi olujwayelekile nje, Ufanele ukuthi wayesebenzisa ukufundwa nokubhalwa kolwimi okwakusetshenziswa phandle emgwaqeni, abantukazana nje. Ngoba, iBhayibheli lathi, "Abantukazana baMuzwa ngokujabula," niyabo, ngakho mhlawumbe izihlakaniphi zazingenakuzihlanganisa noMuntukazana onjalo owayekhuluma ngokunamuza, kanjalonjalo, mhlampe Wakwenza. Ngakho, kwakuthe ukuba kukhudlwana kubo. Kusenjalo namanje, namhlanje.

77 Futhi yingalesosizathu iBhayibheli liba yi—yinkinga enjalo kubantu, ngoba, kungukuthi, bazama uLihumusha ngohlobo

oluphakeme kakhulu lolwimi, kanti Lalotshwa ngolwimi lasemgwaqeni, niyabo. I . . .

78 Ngakho, uNkulunkulu Uyazithoba. UNkulunkulu ungukuzehlisa. "Umuntu ongazithoba usendleleni yakhe enyukayo. Oziphakamisayo usendleleni yakhe ebheke ezansi," njalo. Ngakho sifanele sikhumbule ukuthi ubuKristu abufuqeli phambili, futhi buzama ukuba phambi kwa*lo*mfo, kodwa kuhlehlela emuva bese uthatha isihlalo esingemuva, uyabo, udedela omunye umfo aqhubeke, lobo—lobo ngubuKristu. Zithobe. "Uma bekumangalela enkantolo, futhi akwamuke ibhantshi lakho, mnike nengubo futhi. Uma ekuphoqa ukuba uhambe imayela, hamba abe mabili. Uma emukula isihlathi esisodwa, phendula esinye." Wayeyisibonelo sethu ngandlela zonke esifanele sibe yikho. Futhi uma lokho kuPhila kungabonisa kithi, abantu bazobona uKristu kini, niyabo, uma—uma bengabona lokho.

79 Awu, manje ake sibone, kungahle ukuba kwakukade kunamadoda amaningi. UJesu wayehluke kunawo onke amadoda. Kungahle ukuba kwakukade kunamadoda amaningi ayengazithoba, futhi ahambe imayela lesibili, noma aphendule esinye isihlathi, kodwa sithola ukuthi uJesu wayenguMuntu ohlukile.

80 Manje, uNkulunkulu njalo ubehlala neZwi laKhe. Khumbulani, Akaliguquli neze iZwi laKhe.

81 Njengoba ngishilo, emizuzwaneni embalwa edlule, mayelana negazi. Ensimini yase Edeni, ngenkathi uAdamu noEva sebonile, noNkulunkulu wadingeka awugcine umthetho waKhe ngoba Wayenobulungiswa. Nenhlawulo yomthetho yayingukuthi, awu, Wayefanele ayibeke phezu kwalowomndeni, ngoba, "Inkokhelo yesono ingukufa, futhi uzofa." Kodwa manje-ke ngenkathi beba ngolunye uhlobo lwento ethize, Wayezoba nesimemezelo sokukhishwa ebugqilini, Wa—Wanquma ukuthi kwathatha igazi. UAdamu noEva bazama ukwenza isibhinco seqabunga lomkhiwane; asisebenzanga. Ngakho, Wayedinga igazi.

82 Futhi Akakaze aguquke. Akaguquki neze. Manje uma kufika isikhathi umuntu ayegula ngaso futhi efuna ukuphiliswa nguNkulunkulu, uNkulunkulu wayemphilisa phezu kwezisekelo zokukholwa kwakhe kuYe. Akakaze akuguqule. Kusafana, kuyafana nje.

83 Futhi noma yiliphi iZwi uNkulunkulu alishoyo, Lingeke neze laguqulwa. Manje yingalesosizathu ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyindlela nje eLilotshwe ngayo. Niyabo, aLisoze laguqulwa. Singethole lutho olungcono; uNkulunkulu angeke. Ungongenasiphelo. Thina singabanesiphelo. Senza amaphutha, futhi kusasa sazi ukwedlula ebesikwazi namhlanje. Kodwa hhayi uNkulunkulu; Ungo—UngoPhakade, nongenasiphelo, onamandla onke, osezindaweni zonke, owazi konke. Yena,

Uvele nje . . . UnguNkulunkulu. Uma Engesizo lezozinto, khona ke Akasuye uNkulunkulu, niyabo, Ungonesiphelo njengoba sinjalo. Ngakho sifanele sikhumbule ukuthi UnguNkulunkulu, namaZwi aKhe anjalo, leyo yingxenye yaKhe. Nibezwile bethi, "Wonke umuntu ufana nje namazwi akhe nje." Lelo yiqiniso. UNkulunkulu akangcono kuneZwi laKhe.

84 UJesu njalo wayekhomba emuva eZwini likaYise, njalonjalo, ngasosonke isikhathi. "Kulotshiwe. Kulotshiwe." Wamehlula kanjalo-ke uSathane, phezu kweZwi. "Kulotshiwe." Manje siMthola ngenkathi Waye . . .

85 Wafika ngamandla omBhalo, impela ukuhumusha komBhalo. Kodwa abantu bangolololosuku, owayeMbheke ukuba afike, baMgeja, ngoba babenokuhumusha, ukuthi babengenakusuka kulokho kuhumusha. Bafanele babe nakho ngendlela yabo.

86 Manje kungahle kuze ngendlela efanayo namhlanje, futhi, niyabo. Bekungeke kwaba kubi kakhulu uma bekungeza na? "Futhi sinakho konke kudwetshiwe, futhi sibe nokuningi kakhulu ukufunda esikoleni size sibeke ishadi futhi sinitshele cishe impela ihora Eza ngalo, futhi siyanitshela ukuthi Uzobe egibele ihhashi elimhlophe yini noma ifu. Siyazi nje ukuthi kuzoba kanjani." Futhi kungahle kube ngokwehlukile ngakho konke uma Efika. Ya. Wenza. Niyazi, lezozinto zinengozi kakhulu uma sekuza ekuzameni ukuthi, "Lokhu yi*lokho*." Nje—nje indlela umBhalo olotshwe ngayo, yilokho-ke.

87 Niqaphelile yini, ngesinye isikhathi, ngenza isitatimende esinjengalesi. Ngesinye isikhathi abafundi basho kuJesu, e . . . Ngikholwa ukuthi kukuMathewu oNgcwele 6:11 . . . noma 11:6, ngikholwa ukuthi yikho, ngiyaxolisa, 11:6, ngikholwa ukuthi yikho, ukuthi abafundi bakaJohane beza kuJesu futhi—futhi babefuna ukwazi ukuthi ngabe WayenguYe ngempela yini. Manje uJohane (wayekade) waMethula, futhi wayelele etilongweni. Futhi manje uJesu wathi, "Hlalani nje kuze kuphele inkonzo, bese-ke nibuyela emuva bese nikhombisa uJohane enikubonile." Manje Akamniki neze ibhuku lokuthi ufanele aziphathe kanjani ejele, noma into efana naleyo, noma enye inkulumo yezihlakaniphi. Wathi, "Hlalani nje ngakhona kuze kuphele umhlangano, bese-ke nihamba nikhombise uJohane enikubonile." Futhi lapho behamba, uJesu wababhekisisa lapho benqamula igquma.

88 Wathi, "Naphuma ukuyobonani ngenkathi niyobona uJohane na? Naya ukuyobona umuntu ombethe izingubo ezinhle ezinothonotho, nokhololo ababhekiswe emuva, futhi, niyazi, kanjalonjalo na?" Wathi, "Lokho ngokwezigodlo zamakhosi. Banga izingane futhi bambele abafileyo, kanjalonjalo." Wathi, "Kodwa naya ukuyobonani na? Umuntu ontengantengiswa ngu—ngumoya, njengomhlanga na?"

89 Qhabo, hhayi uJohane. Ungeke wamtshela, "Ngizokunika okungaka uma ushiya lelibandla bese uza ngapha ku*leli*." Hhayi uJohane. Wayengahambi entengantengiswa, yizinhlangano nezinto. Hhayi uJohane.

90 Wathi, "Naya ukuyobonani na? Umprofethi na?" Wayesethi, "Ngithi kini, odlula umprofethi." Kodwa wayedlula umprofethi ngoba wayeyi—yi . . . wayengu—ngu—ngu—ngumphongolo phakathi komthetho nomusa. Wayeyisithunywa sesivumelwano salolosuku, indoda enkulu.

91 Futhi sithola ukuthi njengoba Wayekhuluma, ekhuluma ngoJohane nangokuthi wayengumuntu omkhulu kanjani, Wathi, "Uma ningakwemukela, lona nguye umprofethi akhuluma ngaye, 'Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.'" Niyabo?

92 Base bethi, "Awu, manje-ke, usholoni uEliyase . . ." Ngesinye isikhathi ngenkathi Ekhuluma ngakho. Bathi, "Wakusholoni uEliyase lokho, ukuthi into yokuqala yayi . . ." Noma, "Basholoni ababhali ukuthi," ngiyaxolisa, "ukuthi uEliyase umelwe ukufika kuqala na?"

93 Wayesethi, "UEliyase usevele ufikile futhi anikwazanga." Niyabo? Niyabo? Lawo indoda eqeqeshiwe ibhekisisa lowomanduleli kaJesu ukuba afike, eqeqeshwe ngazozonke izindlela zeBhayibheli, ababhali abaloba iBhayibheli futhi beLazi kusukela ku A kuya ku Z, emuva, phambili. Abafundisi bemfundo ephakeme, he, babengamadoda angempela, babeyazi imiBhalo ngaphakathi nangaphandle, lonke iZwi, kepha nokho behluleka ukubona ukuthi uJohane wayenguEliyase. Ngisho nabafundi baKhe abazange bakubone.

94 Manje bekungeke yini kube kubi kakhulu, ngolunye lwalezizinsuku, uma sibona ukwahlulela kushaya umhlaba, futhi sithi, "Awu, kungani na? UHlwitho lufanele lufike."

95 Futhi Athi, "Ngani, seluvele lufikile futhi anilwazanga." Niyabo? Niyabo? Ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, lapho kungekho noyedwa ocabanga ngalo, futhi luyohamba ngokuthula. Anisoze nazi uma selususuka. Ngiyanitshela, kuyasikhokhela ukuba silungele, uthi, futhi nilungele lelihora.

96 Manje asithathe futhi sibone ukuthi Wayeyini. Siyathola, kwathi nje Angabhaphathizwa, uNkulunkulu ufika phezu kwaKhe, esimweni sejuba, futhi Waya ehlane izinsuku ezingamashumi amane zokulingwa. Futhi lapho Wamehlula uSathane, eZwini, kuqala. Wehlula uSathane, eZwini.

97 Khona-ke inkonzo yaKhe yasemhlabeni yaqala. Manje siyaMthola, into yokuqala, kwakukhona indoda egama linguAndreya, kuJohane oNgcwele 1. Sithola ukuthi waphuma futhi wathola umfowabo, uSimoni, futhi waletha uSimoni emhlanganweni lapho uJesu ayekhuluma khona. Futhi ngenkathi ekwenza, noJesu wabona uSimoni; ngokushesha,

ngenkathi Embona, Wamtshela ukuthi igama lakhe lalingu "Simoni," futhi wayeyi "ndodana kaJonase." Manje, khona-ke, lokho kwakhipha isitashi kulomphostoli, futhi waMqonda ke ukuba nguKristu; futhi ekugcineni uba yinhloko yebandla eJerusalema, ngoba wayeqondile ukuthi Lowo kwakunguKristu.

98 Sewake wacabanga ukuthi yini eyamenza wamqonda loMuntu ukuba abe nguKristu, ngokusho nje lokho na? Ngoba ukuthi uKristu, ngokomBhalo, wayezoba ngumprofethi. UMose, umholi wabo nomfundisi, wayebatshelile, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengaMi." Akunadaba ukuthi mangaki amadoda ahlakaniphile ayevukile, kwafanele kufike umProfethi, futhi lowomProfethi wayefanele akhombise isibonakaliso somprofethi.

99 Manje mhlampe ngikhuluma kubantu abaningi abangamaJuda, kulobubusuku. Futhi niyazi, emBhalweni, iJuda lamkholwa umprofethi walo. Ngoba, kwakungumprofethi iZwi leNkosi eleza kuye, yena, futhi yena kuphela. IZwi leNkosi liza kubaprofethi. "UNkulunkulu, emandulo nangezindlela eziningi wakhuluma kobaba ngabaprofethi, kodwa kulomuhla wokugcina ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu," amaHeberu 1. Manje, iJuda lamkholwa umprofethi ngoba umprofethi wayeneZwi leNkosi.

100 Manje, indlela ababesho ngayo ukuthi ngabe lowomprofethi wayeqinisile noma qha, yayingoba babebhekisisa umprofethi. Futhi uma wayesho noma yini, waprofetha, futhi kuyafezeka, uNkulunkulu wathi, "Mzweni lowomprofethi, ngokuba Nginaye. Kodwa uma kungafezeki, khona-ke ningakunaki akushoyo." Lokho akungaphezu kweqiniso, niyabo. "Uma ekhona, umprofethi phakathi kwenu, owomoya noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyozibonakalisa kuye ngemibono, ngikhulume kuye ngamaphupho. Futhi uma lomprofethi akushoyo kufezeka, khona-ke mzweni, ngokuba Nginaye. Kodwa uma kungafezeki, khona-ke ningamuzwa."

101 Ngakho, uJesu emi lapho. Futhi babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane, kwaIsrayeli. Futhi nakhu kwakumi iNdoda eyayibona umdobi ojwayelekile enyuka, futhi yamtshela ukuthi igama lakhe wayengubani nokuthi igama likayise kwakungubani. Into eshaqisa kanje pho! Yayenzani na? Yayibiza leyondoda. Futhi ngenkathi lokho kuKhanya kubanibanika phezu kwaleyombewu emiselwe ngaphambili, ukuPhila kufika ngokushesha, yakuqonda ukuthi lokho kwakuyini.

102 Lendoda esikhuluma ngayo manje, uFiliphu, wakubona lokhu kwenziwa, ngakho uzungeleza intaba, cishe kungamamayela ayishumi nanhlanu, futhi uya kumngani owayekade e—e—engumfundi womBhalo, naye. Futhi,

lendoda, igama layo kwakunguNatanayeli. Futhi ufanele ukuthi wayekade enesixhobo, futhi ngakho wayephumele esixhobweni, emkhulekweni, ngesikhathi uFiliphu efika. Futhi babengamaHeberu bobabili manje, bebheke ukufika kukaMesiya. Ngakho ngenkathi uFiliphu emfumana, wathi, "Woza, ubone ukuthi Ubani engimfumene, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

103 Futhi, kusobala, uNatanayeli eyindoda enkulu, futhi azi ukuthi iNazaretha yayi—yidolobha elidelelekile, futhi—futhi wathi, "Kungabakhona okuhle okuvela eNazaretha na?"

Wathi, "Woza, ubone."

104 Leso nge—leso ngesinye sezitatimende ezishaqisa kakhulu impela! Abantu abaningi kakhulu bazo—bazosuka futhi bagxeke noma yini, esikhundleni sokuza futhi bakuthathe bakuyise enhliziyweni, futhi bekuhlola futhi bebona ukuthi ngabe kuqinisile yini. Uma labobabhali kuphela babenze lokho kuJesu Kristu, i. . . ninabantu abangamaJuda ngabe anikho esimweni enikuso manje. Niyabo? Futhi izwe, amabandla ngabe awasiyo indlela ayiyo manje. Abantu, ngabe asiyona indlela esiyiyo, ukuba safundisisa imiBhalo futhi uma uNkulunkulu avusa into ethize. Siyazi kunenqwaba yobuhlanya; ibihlala njalo ikhona, iyohlala njalo ikhona, uJesu aze afike. Kodwa manje-ke, abaprofethi bamanga nokristu bamanga, nayo yonke enye into, ngukuba bavuke ezweni, bekhombisa izikhathi zesibonakaliso, izibonakaliso zezikhathi, njalo, nokunyenokunye. Kodwa Wathi, "Ningakukholwa." Niyabo? Kodwa manje qaphelani, kulokhu, abamanga ukuba bacabange ukuthi Ubani, Ayekwenza.

105 UFiliphu wathi, "Woza, uzibonele." Ngakho ngenkathi uFiliphu no—no—noNatanayeli bahambisa eceleni kwentaba, ndawonye, bafika emhlanganweni othi awubenjengalona nje, asisho, lapho uJesu ayekhuluma khona.

106 Manje, angazi ukuthi benyuka kanjani. Kungahle ukuba wayekade emi phandle ezethamelini, mhlampe wayengahle abe phezulu lapha lapho uJesu ayekhona, wayekhulekela abagulayo. Ngukuthi, qhabo, asitshelwa ukuthi nje babemi kanjani. Kodwa kwathi nje uJesu angabona indoda, Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Manje buka kulokho Akwenzayo ngaYe uqobo, ekhonjiwe, ngenkathi Elapha izolo.

107 Niyabo, Akazange enze noma yiziphi izingxoxo zokuhlakanipha ezinkulu. Asinabufakazi baKhe obuqoshwe phansi efunde emakholiji, njengoba ngasho. Akazange abhale ncwadi. Akazange abhale igama elilodwa. Wabhala okuthize emhlabathini, wayese-ke ethatha isandla saKhe wayesekwesula futhi. Akabhalanga ngani okuthize na? Ngoba WayeyiZwi.

108 Ngakho, niyabo, ukuba kuphela babazi, WayeyiZwi. WayeyiZwi qobo lwaLo lenziwe inyama. WayenguNkulunkulu

enziwe inyama. UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.

109 Manje qaphelani ukuthi Wenzani, ngenkathi uFiliphu enyusa leliJuda lokuqina, Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye."

110 Awu, abanye ngahle bathi, "Impela, babekwazi ukusho, indlela ayegqoke ngayo." Qhabo, bonke abantu baseMpumalanga babefaka imishuqulu, babeyeka izintshebe, babegqoka izingubo. Wawungeke umehlukanise kumAsiriya noma yimuphi omunye umuntu. Wayegqoke nje lolohlobo lwengubo.

111 Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye." Wayazi kanjani ukuthi wayeyileyo elungileyo, indoda eqotho ayeyiyo na? Ngahle ukuba wayekade e—engumgulukudu. Ngahle ukuba wayekade eyisela elalikade likhuphukele lapho noFiliphu. Wayengazi, kodwa Wayenendlela yokwazi.

112 Futhi yena, wayishaqisa lendoda kakhulu impela, yaze yathi, "Rabi," okungukuthi *mfundisi*, "wake Wangibona nini na? Ungazi kanjani na?"

113 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi kwalowomuthi, Ngakubona." Niyabo?

114 Futhi lesisifundiswa esikhulu seZwi sazi ini ngalokho na? Sazi ukuthi lowo kwakuyilowo mProfethi. Sathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu wena. UyiNkosi kaIsrayeli."

115 NoJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lezizinto, ukholiwe, manje uzobona okukhulu kunalokhu."

116 Niyabona ukuthi Wayezikhomba kanjani Yena uqobo. Hhayi ngokugqoka okuthize, hhayi ngenkulu. . .ngokuba engumfundisi wemfundo ephakeme odumileyo omkhulu, isiqu esithize sobudokotela esivela ekholiji elithize.

117 Lezizinto zilungile. Angigxeki. Ngizama ukudonsa into ethize efanele iphume lapho, niyabo, ukunikhombisa. Lawomahlelo namakholiji, nokugqoka, ngokwazi kwami, zilungile, kodwa asikhulumi ngalezozinto manje. Niyabo? Ngempela ngingaqoka ukubona indoda ifake isevatho sezenkolo kunokuyibona injengalaba besifazane phandle lapha emgwaqeni, niyabo, noma into ethize. Ngingaqoka ukubona yona, uma ngisho iwuhlanya enkolweni yayo, ngingaqoka ukuyibona ikanjalo kunokuba phandle lapha idakiwe ndawondawo, esiseleni, niyabo, ngakho anginalutho engingalusho ngalokho.

118 Kodwa engizama ukukusho, sizama ukuthola lowoMuntu, uJesu. YilowoMuntu esizama ukumthola. Kuthiwani-ke ngaleliZwi na? Lelo, leloZwi lingawaqamba amanga na? Qhabo, mnumzane, Lingewaqambe amanga futhi libe nguNkulunkulu. UNkulunkulu angewaqambe amanga.

NaleliZwi linguNkulunkulu. IBhayibheli lathi laliyiLo. Futhi ngakho manje sizama ukuthola ukuthi Uyini.

119 BesingaMkhomba kanjani na? Hhayi ngezingubo zokugqoka, hhayi emahlelweni, hhayi ezinkulumweni. SizoMthola kanjani na? Sizomthola kuMuntu ukuthi Uyini, ukuthi Uyikho manje. Qaphelani, yileyondlela abaMazi ngayo emuva lapho. Hhayi ngokugqoka kwaKhe, hhayi ngemfundo yaKhe yasesikoleni saKhe.

120 Wayengenakusho sikole Avela kuso. Bathi, "Uvelaphi na? Wavela kusiphi isikole na? Asazi lutho ngaleNdoda." Impela, babengenabo neze ubufakazi obuqoshiwe ngaYe nomaphi. Kodwa U . . .

121 Yileyondlela abaprofethi abavela ngayo. Babengazi lapho bevela khona. Abazi lutho ngoElija, ngabo bonke abanye. Abaveli ndawo nje, futhi basuke bahamba. Yilokho kuphela abakwaziyo. Amadoda uNkulunkulu angawathola. Amadoda njengani, uNkulunkulu angawathola futhi azimemezele Yena uqobo, ukuze Akwazi ukukwehlulela isizukulwane ngokulungileyo, ukuze Akwazi ukwehlulela isizwe, ahlulele izwe. Ngoba, iZwi lizofanele liphumele ndawondawo, futhi Uyaqaphela ukuthi oKhethiweyo uyangena ukuba ezwe Lokho.

122 Manje siyathola, ukuthi ngenkathi uJesu e—ekhuluma, futhi Uyaqonda, kwakunalabo . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.].

123 Kwakunalabo abami lapho, ababedingeka baphendule enhlanganweni yebandla labo. Kwakunalabo lapho ababedingeka baphendule emahlelweni abo, noma ngabe abaFarisi, abaSadusi, abakaHerodi, noma ngahle ukuba babeyini. Futhi ngakho bama lapho, futhi bathi, "LeNdoda yenza lokho ngoBelzabule. Ingumbhuli," ngamany'amazwi. "Ingofunda umqondo. Ifunda umqondo wabo."

124 "UJesu ebona imicabango yabo." Babengadingeki ukuba bakusho kuzwakale kakhulu. Wayekwazi ababekucabanga. Wayibamba imicabango yabo.

125 Usenguye namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Uyazi ukuthi ucabangani, niyabo. Uma EyiZwi, Uzofanele ahlale enjengeZwi. Manje, kumaHeberu 4, iBhayibheli lasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu lishesha kakhulu, linamandla kakhulu, libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, umahluleli ngisho wemicabango yenhliziyo." Kuyini na? IZwi, iZwi likaNkulunkulu lingehlulela imicabango osenhliziyweni yakho.

126 Yilokho impela Ayeyikho, iZwi, neZwi lalikwazi ukwehlulela imicabango osenhliziyweni. Niyabo? Manje, laliyilokho-ke iZwi. Babefanele bakwazi lokho, niyabo, lokho yilesosizathu. Wayebona imicabango yabo, wababuka. Wayesethi, "Ngizonithethelela ngakho," ngokuba Wayengakabethelwa. UMoya oNgcwele wawungakafiki.

127 "Kodwa," Wathi, "nxa uMoya oNgcwele esefikile," ukwenza into efanayo Ayeyenza, ngoba Wethembisa ukuthi Wawuzofika, niyabo, "nxa uMoya oNgcwele esefikile, Uyonikhumbuza lezizinto, eNginifundise zona, futhi anibonise izinto ezizofika." Niyabo? "Manje uma Efika ukuzokwenza lento efanayo eNgiyenzayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa, kulelizwe nasezweni elizayo." Niyabo, kuyoqina kanjalo-ke ngalemihla yokugcina. Niyabo? Uyohlukanisa, niyabo.

128 Manje-ke uNkulunkulu ekwehluleleni kwaKhe, njengoba Enza eEdeni, Angasho ngobulungiswa, "Wakubona. Uyakwazi. Ngakufakazisa, futhi awukukholwanga." Yilokho-ke.

129 Manje, futhi bhekisisani ukuthi Wenzani ngenkathi Enza lokhu, ukuthi Wathini. UFiliphu wathi, "UyiNdodana kaNkulunkulu wena. UyiNkosi kaIsrayeli." UJesu wamtshela ukuthi izinto ezinkulu kunale wayengayisho. Manje, lokho kwakukumaJuda.

130 Manje kunezizwe ezintathu zabantu emhlabeni, njengoba impela nje si—sifuna ukukholwa, lokho ngukuthi: yiJuda, oweZizwe, nomSamariya. Njalo si . . . UNkulunkulu uphelele esithathwini. Futhi kunamadodana amathathu kaNowa, futhi kulawomadodana amathathu kwazalwa sonke isizwe sabantu.

131 Siyathola manje, ukuthi, uMoya oNgcwele. UPetru ngosuku lwe . . . ngaphambi koSuku lwePhentekoste, wanikezwa izihluthulelo kuwo uMbuso. Sithola ukuthi waWuvula kumaJuda, ngoSuku lwePhentekoste. Wayesehlela eSamariya, wayeseWuvula kuwo. Ubuyela endlini kaKorneliyu, waseWuvula lapho. Futhi akadingekanga neze ukuba abe esakwenza; Wavulelwa izwe, niyabo, kanjalo, uMoya oNgcwele. Kodwa niyakhumbula, uFiliphu wehla wase eshumayela kumaSamariya, futhi wayewabhaphathize eGameni leNkosi uJesu, kuphela uMoya oNgcwele wayengakehleli phezu kwanoma yimuphi wabo; ngakho bathumela enhla kulowo owayenezihluthulelo, wayesebeka isandla sakhe phezu kwabo, noMoya oNgcwele wafika phezu kwabo. Kunjalo. Lokho ngamaJuda, Gen- . . . lezozizwe ezintathu zabantu.

132 Manje, thina beZizwe, sasingabahedeni, amaRoma, amaGreki, kanjalonjalo. Sasikhonza izithombe. Sasingabheke Mesiya. Sasingenasikhathi sikaMesiya. Sasinonkulunkulu bethu uqobo, okhokho bethu. Kodwa amaJuda ayebheke uMesiya. Futhi ayenjalo namaSamariya, ngoba ayeyiJuda ingxenye noweZizwe.

133 Manje, uJesu uyobonakala kulabo abaMbhekile; labo kuphela, yilokho kuphela. Akabophezelekile kongakholwayo. Kodwa ekholweni Ubophezelekile. Ubophezelekile ukuvusa ikholwa, niyabo, ngomhla wokugcina, ekholweni kuphela.

134 Manje siyathola, ukuthi uJesu lapha Wayezibonakalisile eJudeni. Okungukuthi, sinabaningi abanye, besingathatha impumputhe uBartimewu, kodwa ukonga isikhathi . . . Babebaningi ababanye emBhalweni, impela efakazisa kubo ukuthi WayenguMesiya, ngokuba ngumProfethi. "INkosi uNkulunkulu wenu iyakunivusela umProfethi onjengaMi."

135 Babekade bengenabaprofethi. Kodwa labo ababesukile emqondweni wokuthi WayengumProfethi, babefanele banikeze impendulo kubo, ngakho bavele bathi nje, "Wayengu—ngudeveli, umthakathikazi, noma, niyazi, omunye umoya omubi wenza lokho."

136 Futhi Washo ukuthi, "Kwakuyisono esingathetheleleki, bebiza umsebenzi kaMoya oNgcwele, 'ngomoya omubi, into embi,' lokho, uMoya oNgcwele uza futhi ubonakalisa iZwi laKhe."

137 Ngani na? Kwakukade kuprofethiwe ukuthi uJesu wayezokwenza yona lento. Ngenkathi Etshela amaJuda, Wathi, "Awu, yimuphi kini ongaNgilahla na? Yimuphi kini ongaNgimangalela ngesono na?" *Isono* singuku "ngakholwa." Uma . . . Wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuyo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi Yiyona efakaza ngaMi." Babefanele bakwazi. Babecabanga ukuthi babekwazi; kodwa, babengakwazi, babefanele bazi ukuthi WayeyiZwi khona lapho. Wayekwazi ukwahlulela yona impela imicabango ezinhliziyweni zabo, kanjalonjalo, futhi enze khona impela nje abaprofethi abakwenzayo.

138 Ngoba, Wayedlula umprofethi, WayenguNkulunkulu wabaprofethi. Wayeyinhloko nowo—wokugcina wabaprofethi. Kulolusuku Uyakhuluma, qobo lwaKhe, ngeBandla laKhe.

139 Manje uma siqaphela phakathi lapha, ukuthi, Wazikhomba Yena uqobo ngokuphelele namaJuda, ukuthi WayenguMesiya, ngokufakazisa ukuthi WayengumProfethi. Siyakwazi lokho. Ayikho enye indlela. Hhayi ngokugqoka kwaKhe, hhayi ngokukhuluma kwaKhe, hhayi ngalutho olunye kodwa ngokuba yi . . .

Futhi manje-ke wena uthi, "Awu, Wakhipha amademoni."

140 Washo ukuthi abaFarisi benze into efanayo. Wathi, "Uma ngikhipha amademoni, ngomunwe kaNkulunkulu, abantwana benu bawakhipha ngobani na?" Niyabo? Ngakho babekhipha odeveli, nabo. Niyabo? Ngakho, kodwa Wayebakhipha ngomunwe kaNkulunkulu, wathi, "Khona ke uMbuso kaNkulunkulu usondele kini."

141 Manje siyathola ukuthi into eyaMkhombayo impela engu—nguMesiya, kwakungumprofethi, ngoba u*Mesiya* kuchaza "Ogcotshiweyo." Futhi ogcotshwe ngani na? IZwi. IZwi eligcotshiwe lifana nembewu nje enamanzi kuLo, emhlabathini okahle, Liletha ngqo isithembiso saLo.

Yingalesosizathu Athi, "Ubani onga, ubani ongaNgilahla na? Ubani ongaNgitshela ukuthi Ngi . . . Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Futhi leli yiZwi. Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Uma Ngingenzi lokho leliZwi elakuthembisela lesisizukulwane, khona-ke ningaNgikholwa," Washo.

142 O, kungemangalise yini, namhlanje, uma ibandla belingasho leyonto efanayo, besingama lapho na? Lokhu, uma singayenzi imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke akusuye uNkulunkulu. Futhi nomaphi lapho uNkulunkulu ekhona, okungaphezu kwemvelo kuyenzeka, ngoba Ungongaphezu kwemvelo. Niyabo, Ungu—UnguMoya. UNkulunkulu unguMoya.

143 Manje siyathola ukuthi Uya ezansi eJeriko, kodwa Wayeswelekile ukudlula eSamariya. Manje, iSamariya lingasentabeni. IJeriko lisezansi ekugcineni kwegquma. Kodwa endleleni yaKhe ezansi, esikhundleni sokwehlela ngqo eJeriko, Uya ngaseSamariya. Ngiyamangala ukuthi kungani? Futhi Ufika emzini othiwa iSikari. Futhi ba . . . thuma abafundi phakathi ukuthola umphako, ukudla.

144 Futhi besephakathi bethenga lokhu kudla, Wahlala phansi ngasemthonjeni. Futhi kwakungumthombo, njengendawo encane ebonakala ngasikhathi-sinye, njenge, endaweni yomphakathi yombuthano yabantu abazela ukuzokha amanzi abo. Futhi uselapho namhlanje. Nemivini ikhula phezu kodonga, futhi uJesu wayehlezi ngale encike udonga.

145 Futhi Esahlezi lapho, kwakukhona inenekazi elincane eliphumayo emzini. Sizofuna ukulibiza ngokuthi, namhlanje, owesifazane odume kabi. Futhi mhlawumbe umntwana wayeqhutshelwe kulokho, futhi, yena, mhlawumbe abazali bakhe bamdedela emgwaqeni. Futhi niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Futhi ngicabanga ukuthi inenekazi, owesifazane, into ethize ngempela yayenzekile; asitshelwa emBhalweni, kodwa bhekisisani ukuthi kwenzekani enhliziyweni yalowo wesifazane. Niyabo? Uyaphuma ukuzokha amanzi, futhi cishe kwakulapha ngasemini.

146 Ngokujwayelekile, izintombi, nanamhlanje ziphuma kusesekuseni futhi zikhe amanzi azo, futhi ziwathwale ngamakhanda, ezitsheni zazo ezinkulu zobumba, futhi ziwathalela ukuba abe ngamazi azo okuphuza nemisebenzi yazo yasendlini, futhi noma yini ezizoyenza.

147 Futhi lo wesifazane osemncane uphuma sekusemini. Ngani na? Wayengeke ahlanganiswa nabantu bonke, a—abantu abakahle. Wayengeke abanjwe phakathi kwabo. Babemgwema, futhi waphatheka kabi ngakho, ngakho wayesalela ngemuva. Wayazi ukuthi hlobo luni lwempilo ayeluphila, ngakho waziqhelelanisa nabantu bezenkolo.

148 Manje siyathola, lapho ephuma, mhlampe akazange anake ukuthi Ubani owayehlezi ngale encike udonga.

149 Nalezozitsha zamanzi abanazo, engizibiza kanjalo. Ba... Abanye babo bazibiza ngamabhakede. Zinezibambo. Zenziwe ngo—ngobumba. Futhi banesigwedlo, futhi nje amahhuku amabili elingenayo. Bazehlisela emthonjeni. Futhi kuyi... bayazikhalakathelisa bese bethola amanzi agcwele, bese bebuye beyigwedla yenyuke. Bese bezithwala ngekhanda labo, nasezinqulwini zabo, lapho behamba.

150 Nalo wesifazane wayeselungele nje mhlawumbe ukuhhuka amahhuku phezu kwe—kwesitsha samanzi, futhi wayeselungele nje ukusehlisa, wayesezwa iPhimbo, lathi, "Sifazane, Ngiphuzise." Wayesebuka ngale ukuba abone ukuthi kwakunguBani. Futhi nakhu kuhlezi mhlampe, cishe, njengeJuda eliphakathi nendawo ngeminyaka lihlezi lapho. Futhi Wayethi nje akabe neminyaka engamashumi amathathu nento ubudala, amashumi amathathu-nambili noma iminyaka engamashumi amathathu-nantathu ubudala, ngesikhathi.

151 Futhi, kodwa Ufanele ukuthi wayebukeka emdadlana kunalokho Ayeyikho, ngoba Wayekade ebizwe ngokuthi, uJohane oNgcwele 6, engonamashumi amahlanu. Bathi, "Ungumuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi Uthi Ubone uAbrahama na? Manje siyazi Uyahlanya. Usangene," okusho *ukuhlanya*. "Unodeveli."

Wathi, "Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA." Niyabo?

152 Manje, Ufanele ukuthi wayesethe ukuba mpunga kancane, noma okuthize. Wayehlezi lapho, indoda ethi ayibukeke iphakathi nendawo ngeminyaka. Futhi U...Wathi, "Ngani, akusilo isiko." Niyabo, kwakuno—nokwehlukana phakathi kwabo. Babengenakho ukudlelana omunye nomunye. Wathi, "Akusilo isiko ukuba nina maJuda nicele amaSamariya usizo olunjalo."

Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye!"

153 Niyabo, o, nakho! Ukuba kuphela besazi, o, uma sifunda lokhu, ukuthi Ubani esikhuluma naye, niyabo. Uma ukhuleka, uma u...UJesu wathi, "Uma ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwemukela okucelayo." Niyabo?

154 "Ukuba kuphela bewazi ukuthi bekunguBani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi, futhi beNgiyokulethela amanzi ongawatholi kulomthombo."

155 Futhi i—ingxoxo yaqhubeka isikhashanyana. Wathi, "Awu, ubaba wethu..." Niyabo, yena engumSamariya, nokho wathi, "Ubaba wethu, uJakobe, wamba lomthombo. Futhi waphuza kuwo, nabantwana bakhe, futhi uphuzisa izinkomo, kanjalonjalo." Kodwa Wathi..."Ngani, nina

nithi, 'kukhulekwe eJerusalema,' na—nabanye, 'kukhulekwe kulentaba,' kanjalonjalo."

156 Wathi, "Si . . . MaJuda, insindiso ingeyamaJuda. Siyakwazi esikukhulekayo. Kodwa," wathi, "Ngizwe. Isikhathi siyeza, futhi manje sesikhona, lapho uBaba efuna abakhonzi beqiniso, abazokhonza ngeQiniso nangoMoya." Niyabo, uMoya nangeQiniso!

157 Nengxoxo yabo yaqhubeka i—isikhashanyana. Wayenzani na? Manje nizofanele cishe impela nithathe izwi lami lalokhu. Niyabo, ngicabanga ukuthi Wayezama ukuthola lapho inkathazo yakhe yayikhona, okwakusemqondweni wakhe. Manje, khumbulani, uBaba wayeMthumele enhla lapho, "Ngiswelekile ukudlula eSamariya." Manje Wathi . . . Nalowo nguJohane oNgcwele 4.

158 Manje kuJohane oNgcwele 5:19, Esephilise indoda esangweni elithiwa eliHle, siyazi U . . . Qhabo, ngiyaxolisa, Wayesechibini laseBethesda. Waphilisa lendoda, futhi wabuzwa ukuthi Akaphilisanga ngani bonke abanye babo.

159 Manje, leyondoda. Kwakunabantu ababelele lapho ababeyizishosha, izinyonga, abashwabeneyo, abayizimpumputhe. Futhi nangu Eza ehamba edabula lapho, ehamba edabula kulelichibi, Wayeseya endodeni, leyo, angazi ukuthi yayinani. Ingahle ukuba yayine TB, inkathazo yendlala engasesinyeni, into ethize. Yayivimbeleka, yayisibenakho iminyaka engamshumi amathathu-nesishiyagalombili, kwakungezukuyibulala. Ya—yayikwazi—yayikwazi ukuhamba, yayehla.

160 Kodwa qaphelani, Uza ngqo udabula kulelochibi labantu, lapho ababekhona bonke lapho, izixuku, izinkulungwane zabo, lapho belele esangweni lezimvu, "bebhekisisa ukunyakaza kwamanzi." UNkulunkulu njalo ubenendlela yokuphilisa ngokukaNkulunkulu, enzela abantu. Futhi ngakho ongena kuqala wayeba nokukholwa okwenele, kuthathe amandla avela emanzini, wayephiliswa.

161 Kodwa qaphelani, leNdoda uJesu ufika udabula lapho, okwabe kunguye impela uNkulunkulu wokudaliweyo, futhi Wafika wadabula esangweni, wayesezixubanisa nabantu, cabangani nje, enesihe. Niyakholwa ukuthi Wayenesihe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

162 Manje yimani nje umzuzwana nje futhi nicabange ngalokhu. Kunenekazi linengane inekhanda elinamanzi mhlawumbe kuzungeze kwababakukhulu *kangaka*, wedlula ngqo. Futhi lapha kwakunendoda eyimpumputhe, "Ngihawukeleni futhi ningifake echibini." IBhayibheli lathi babeyizishosha, izimpumputhe, izinyonga, abashwabeneyo. Enye indoda ezihluphekelayo ilele lapho, mhlawumbe izingalo zayo yayingenkulu *kangako* macala onke. Noma, umama omncane nesigejane sabantwana ekhaya,

noJesu onesihe wedlula ngakuye ngqo. Lokho kuxakile na? Futhi, nokho, egcwele isihe. Kodwa lelo yiBhayibheli. Noma ubani. . .Niyabo, manje bhekisisani. Asazi ukuthi sichaza ukuthini isihe.

163 Mqapheleni. Wathola indoda ilele embhedeni ondlalwe ngotshani, eyayikwazi ukuhamba, Wayesethi kuyo, "Uyathanda ukusinda na?" Kungani kube yileyo na? Niyabo, kungani kube yileyo na? Manje bhekisisani futhi Uzonitshela. UJesu wayazi ukuthi lendoda yayikade ilapho kulesisikhathi, niyabo, yonke leminyaka. Wayiphilisa, wayitshela ukuthi ayithathe umbhede wayo futhi iye ekhaya. Futhi yakwenza. Bayithola ipakisha umbhede wayo, futhi bathola uJesu futhi baMletha ngaphambi kwenkantolo.

164 Lalelani ukuthi Wathini, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingeze lutho ngokwaYo, kepha lokho Ebona uYise ekwenza." Naso-ke isihe, ukwazi intando kaNkulunkulu bese-ke uyenza. Niyabo? Niyabo? "INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kepha lokho Ekubonayo," hhayi ekuzwayo. Hhayi. . .Niyabo? "Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo."

165 Ngakho Ufanele ukuthi wayeno—nombono wokwenyukela lapho, "Wayeswelekile ukudlula eSamariya," futhi Wayazi ukuthi lona wesifazane wayezoba lapho. Ngakho ekwazi, Uvele nje wenyukela lapho futhi abe kulelisango, uthuma abafundi. I. . .Manje-ke Wayengazi ukuthi enzeni ngenkathi owesifazane eqala ukubuza lemibuzo, kanjalonjalo, ngakho Walindela uYise nje ukuba aMbonise. Futhi ngenkathi Ethola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. . .Bangaki owaziyo ukuthi yayiyini na? Wayenamadoda amaningi kakhulu. Futhi ngakho Wamtshela, wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

166 "Ngani," wathi, "anginandoda." Lokho kwabukeka kunjengokukhuza okuqondile. Niyabo?

167 "Ngani," Wathi, "ukhulume iqiniso, ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Kulokho manje usho kahle, a 'wunandoda.'"

168 Bhekisisani lowo wesifazane omncane. Niyazi, ubengafundisa amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye abafundisi basesontweni, namhlanje, iVangeli. Niyabo? Ngani, kungani labobapristi bama lapho futhi baMbiza ngo "Belzabule," kanti iBhayibheli labo impela lathi yilokho Ayeyokwenza na? Kunjalo na? Futhi nakhu kumi isifebe, owesifazane odume kabi, futhi, Wathi nje angakusho lokho kulowo wesifazane, akazange athi, "Awu, UnguBelzabule."

169 Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena." Manje bhekisisani isicaphuno sakhe. "Siyabona, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika,

othiwa uKristu; siMbheke ukuba afike, futhi, nxa Efika, Uzositshela lezizinto. Yilokhu Azokwenza."

170 Leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya, izolo. Leso isibonakaliso sikaMesiya, namuhla, esifanayo. Niyabo?

171 "Siyazi nxa uMesiya efika, Uzositshela lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?" Lowo kwakungumbuzo. "Ngiyazi Ungumprofethi wena. Kade singenaye oyedwa amakhulu ngamakhulu ngamakhulu eminyaka."

"Incwadi kakhokho-kakhokho-kakhokho-kakhokho-kakhokho ngapha yathi babenomprofethi, owokugcina, uMalaki, iminyaka engamakhulu amane nento eyadlula; asizange sibe nomprofethi kwaIsrayeli kusukela lapho, kodwa nakhu kumi iNdoda ingitshela lokhu."

"Ungumprofethi. Futhi sibheke uMesiya."

UJesu wathi, "NginguYe, okhuluma kuwe."

172 Leyo inkomba yaKhe. Wazikhomba kanjalo ke Yena uqobo kuIsrayeli. Nangu UnamaSamariya, ezikhomba Yena uqobo.

173 "NginguYe, okhuluma nawe." Futhi, phezu kwalokho, akazange akubuze. Niyabo, ukuPhila kwaziwaphambili nguNkulunkulu.

174 Futhi akunandaba ukuthi bazama kangakanani labobaFarisi ukuba ngabenkolo, uJesu wathi, "Bona, babephuphuthekisiwe." Wathi, "Wakhuluma kahle uIsaya ngani, 'Ninamehlo, futhi aniboni. Ninokwazi, futhi aniqondi.' Ungumfundisi wemfundo ephakeme, futhi awazi ukuthi ukhuluma ngani. Ni, niyabo, ninazo zonke lezizinto."

175 Ngoba, niyabo, uJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi, nakho konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Futhi Wakusho lokho, Akakushongo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo?

176 Kwakuyini na? Lalilapho iBhayibheli, lathi, kumeHeb-. . . eNcwadini yeSambulo. Ngezinsuku zokugcina lapho u "mphikikristu" avuka khona e—enkundleni, wasondela kakhulu njengento yangempela, "kwakuyodukisa nabakhethiweyo uma kwakungenzeka." Kodwa, Wayesethi-ke futhi, "wadukisa wonke lowo ophezu komhlaba, abamagama abo engalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu, elahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe."

177 Niyabo, amagama abo afakwa eNcwadini yokuPhila, iNcwadi yokuHlengwa. UJesu ufikela ukuzohlenga labo ababenamagama abo eNcwadini. Futhi uma lelogama lokugcina selihlengiwe, iWundlu lithatha iNcwadi futhi lisuke lihambe; yilokho kuphela, ukuhlengwa sekuphelile, sekuvaliwe. Labo!

178 Futhi wayeyini na? Wayengomunye owayenegama lakhe Lapho. Akunandaba ukuthi hlobo luni lwesimo ayekuso

phakathi lapho, kwathi nje lokho kuKhanya kweVangeli kweqiniso kungashaya lesosifebe esincane, saKuqonda. Ngani na? Kwakunento ethize phakathi lapho ukukuqhumisa izinhlansi. Niyabo, saKuqonda.

179 Ungahle uthele amanzi kupetroli, ayowuvimba kuphela; kodwa ake kuthi umlilo omncane uwushaye ngesinye isikhathi, bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani, uyabo. Kuthatha ukuqhumisa inhlansi yokukholwa, eZwini likaNkulunkulu. Uma bazi ukuthi yiQiniso, kunokuthize okwenzekayo!

180 Akazange abe esabuza omunye umbuzo. Wazi ukuthi lowo kwakuyilowoMesiya. Ngani na? Wayezikhombe Yena uqobo ngokugcwele. Njengoba kwasho uFiliphu nje, "Ngani, UyiNdodana kaNkulunkulu wena, iNkosi kaIsrayeli!"

181 Kwakukhona labo lapho, abathi, "Lowo ngu, Ungababhuli, yilokho Ayikho."

182 Wathi, "Ningeke nathethelelwa ngalokho, nxa uMoya oNgcwele ukwenza." Niyabo? Washo.

183 Kodwa manje bhekisisani lapha ukuthi Wakhonjwa kanjani kuye. Futhi wagijimela emzini ngokushesha, wayesesho emadodeni.

184 Manje, ngempela, uma ekhona owaseMpumalanga lapha, nina, iBhayibheli liyincwadi entsha e—endodeni evela eNtshonalanga, eya eMpumalanga kanye, niyabo, ngoba onke amasiko, basaliphila ngendlela efanayo. Wayengenalo ilungelo lokungena emzini futhi akhulume emadodeni. Wayengenakukwenza. Babengeke ngempela bamlalele.

185 Kodwa wayenomlayezo, ukuthi akukho lutho olwalungammisa. Niyabo, wayethole ukuPhila, into eyashayayo. Wagijimela emzini wayesetshela amadoda, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Lowo kungebe yini nguye impela uMesiya na? Akusikho yini lokho ebesikubhekile na?"

186 Wakhonjwa njengoMesiya! Futhi iBhayibheli lakusho lokho, ngenkathi uJesu engena emzini, Akazange esaphinda akwenze lokho futhi, hhayi kubo. Kodwa bakukholwa okwashiwo ngowesifazane, niyabo, futhi baMemukela. Akazange aphilise abagulayo; Wayazi ukuthi uFiliphu wayeza ehla ukuzokwenza lokho, ngakho, futhi abaqondise, emva kokufika kukaMoya oNgcwele, ngakho Wavele nje wabazisa ukuthi WayenguMesiya.

187 Manje bukani, nakho kwakukhona amaJuda, amqonda uJesu. Wakhonjwa ekupheleni kwesimiselo sesikhathi sawo, njengoMesiya, futhi Wakwenza kanjalo-ke.

188 Indlela efanayo ngamaSamariya, ayebheke uMesiya. Wazikhomba kanjalo-ke Yena uQobo njengoMesiya.

189 Manje sekube yiminyaka eyizinkulungwane ezimbili nabeZizwe, bemukela iVangeli. Manje isimiselo sesikhathi sethu siyaphela, unyaka webandla, siyaqeda. Nguyena izolo, namuhla,

naphakade, akawaguquli neze amacebo aKhe. Futhi uma Eme phakathi kwethu, kulobubusuku, Ubengeke abe yindoda egqoke izingubo ezinkulu zobufundisi, enye ingcweti yokukhuluma yenkulumo, noma umfundisi wemfundo ephakeme, into ethize, kodwa Ubeyofakazisa kithi ukuthi UbenguMesiya. Niyabo? Wathi, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu."

190 Kubhekisiseni ngempela lokhu. Ngemihla yaseSodoma, futhi njalo, bekunezigaba ezintathu zabantu.

191 *Okuthathu* yinombolo "ephelele," siyazi. Futhi *isikhombisa* ngoku "phelelisiwe." *Amashumi amane* nguku "lingwa." *Amashumi amahlanu* yi "jubili." Niyayazi isayensi yezibalo zomBhalo.

192 Kodwa manje qaphelani, e—eSodoma, zazilapho izigaba zakho ezintathu zabantu. Babelapho abakho baseSodoma, ababengabangakholwayo. Kwakukhona uLoti neqembu lakhe, ababengamakholwa asivivi, ibandla lemvelo. Kwakukhona uAbrahama, owokomoya, obizelwe ngaphandle, okhethiwe, ephumele ehlane esukile eSodoma.

193 Bhekisisani, iziNgelosi ezintathu zehla zivela eZulwini, ngolunye usuku. Izono zaseSodoma zaba cishe zimbi njengoba nje sinjalo ezweni namhlanje. Ziyehla. Manje, Zazibukeka zifana namadoda, Zazigqoke izingubo zokugqoka njengoba amadoda egqoka; zinothuli phezu kwaZo, nezinyawo zaZo zazingcoliswe ukuhamba. Futhi uAbrahama, ehlezi phansi kom-oki, waZibona ziza kuseyibanga.

194 Manje sikhomba kulokho uJesu athi kuyokwenzeka esikhathi sokuphela, ngaphambi nje kokuFika kwaKhe. Manje, khumbulani, abaseSodoma babengabeZizwe.

195 Qaphelani manje, sithola lokho, nazi Zikhuphuka, lamaDoda. Futhi uAbrahama, ngokomoya, waqaphela ukuthi kwakunento ethize ngalawomaDoda ayehlukile ezihambini ezijwayelekile.

196 Kunento ethize nje, uma ikholwa lihlangana nekholwa, uma ikholwa lihlangana neZwi! Uma, into efana nalowo wesifazane, niyabo, ba—bagcotshelwe Lokho. Akukho nje abangakwenza ngaphandle kokuLikholwa. Khona into ethize ebashayayo, niyabo, banaLo.

197 Futhi ngenkathi uAbrahama ebona lamaDoda eza, waphuma. Wayesethi, "Nkosi yami, Ungedlula futhi ngilande amanzi amancane futhi ngiwashe izinyawo zaKho na? Futhi ngizokunika ucwezu lwesinkwa, esandleni saKho, bese uba sendleleni yaKho, ngokuba yilokho Okwedlulelayo." Ajika.

198 Manje, ethendeni elikhulukazi, kwakuyilapho uAbrahama ayakhe khona. Futhi eziningi zezinceku zakhe, zenele ukulwa

impi, zazihlala phandle ngapho. Zazingabelusi bemihlambi. Ngakho ugijimela phakathi futhi watshela uSara, umkakhe, ukuba "Ahambe axove uflawa, noma impuphu." Niyazi, akuxove, akusefe, njengakho. "Bese enza amaqebelengwana bese ekubeka phezu kweziko." Bese—bese kuthi-ke, futhi, waphumela emhlambini wayesethola ithole elikhuluphele, wayese—wayeselibulala, futhi ulinika inceku, wayesethi, "Lihlinze, bese wenza i—iziteki." Wayesephuma wayesekhuluma namaDoda.

199 Ngokushesha, wabuyela emuva wayesethatha uflawa ne—nesinkwa, wayesethatha ubisi nenyama, futhi uyaphuma wayesekubeka phambi kwaWo. NeBhayibheli lathi, "Badla. Bayadla."

200 Futhi niyaqaphela, iNdoda eyodwa yayilokhu ibuka ngaseSodoma. Futhi Yathi, "Angizukukugcina lokhu kuyimfihlo."

Amabili aWo iyasukuma futhi iyaqhubeka. Ehlela eSodoma.

201 UBilly Graham wesimanje noOral Roberts, futhi Asendleleni yaWo ayehla, niyabo, ehlela kwabaseSodoma, ukuqhumisa iVangeli njengoba uBilly Graham nabo enza. Senake naqaphela na? Kugcineni lokhu manje. Ngiyethemba angisho noma yini eyiphutha. Kodwa, sibe nakho lokhu, ngokomoya.

202 Ufanele—awufanele neze ubuke izinto ngokwemvelo. Buka emoyeni wanoma yini. Ufuna ukubuka idolobha, buka umoya walo. Ubuka umndeni, buka imimoya emndenini. Buka indoda, buka umoya okuyo. Niyabo, noma yini oyibukayo, yonke into izofanele ibe nenjongo nempokophelo. Niyabo?

203 Futhi bhekisisani lapha, benazi yini, onke indoda enkulu esibe nawo, uSankey, uFinney, uMoody—Moody, uKnox, uCalvin, kanjalonjalo, ayikaze ibekhona indoda namanje, ensimini, enenkonzo ebandleni ngegama nje, elaligcina ngo h-a-m, njengo A-b-r-a-h-a-m, G-r-a-h-a-m. Akukaze ngaphambili. Uphakathi neSodoma ngqo, yingakho. Indoda yenza umsebenzi omangalisayo. Yilapho efanele ibekhona, niyabo, *h-a-m* kuchaza ukuthi "ubaba wezizwe." Niyabo?

204 Qaphelani manje, eyodwa yawo yehlela phakathi lapho ukushumayela kwabaseSodoma. Ehlela lapho.

205 Enye yawo yasala lapha noAbrahama. Qaphelani manje, wayekade engu "Abrama" izinsuku ezimbalwa phambi kwalokho. Futhi yena wayekade engu "Sarayi," hhayi u S-a-r-a. Niyabo? Ngu r-a-. . .Futhi wayekade esengu A-b-r-a-h-a-m-a manje. Futhi, qaphelani, Yambiza ngegama lakhe elisha, "Abrahama, uphi umkakho, u S-a-r-a, uSara na? Uphi na?"

206 Abesifazane ngaleyonkathi babethe ukwehluka kancane kunoma benjalo manje, niyabo, babengaphumeli ebhizinisini

yomyeni wabo. Babesemuva, bahlala . . . Wayengemuva ethendeni. Ngakho wathi, wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

207 Wathi, "Abrahama, Ngi," isabizwana somuntu, "Ngizokuvakashela ngokwesithembiso eNgakwenzela sona." Kwakungubani lowo na? Niyabo? Wayengubani loMuntu ohlezi lapho egqoke izingubo ezinothuli na? "Ngizokuvakashela ngokwesithembiso eNgakwenzela sona."

208 Futhi uSara, eseyisalukazi, wathi ukuthi, njengoba besingakubiza namhlanje, wathi ukugigitheka, niyazi, wahlekela ngaphakathi. "Mina, isalukazi na?" Wayeseneminyaka eyikhulu ubudala manje, niyabo. Wathi, "Mina, isalukazi, sengimdala; nenkosi yami," okwabe kungumyeni wakhe, "sengimdala, futhi, ngibe nenjabulo na?" Manje siyizethameli ezixubene, kodwa ngi . . . Uyamlalela udokotela wakho; nami ngingumfowenu. Niyabo, njengokuqinisileyo njengo—njengo—njengodaba lwenhlaliswano, kwase kunqamukile, eminingi, iminyaka eminingi, niyabo, futhi ngakho ba—babengenadaba lomndeni. Futhi wathi . . . "Mina ngibe nenjabulo nenkosi yami, yona isindala na?" Wakungabaza.

209 Futhi iNgelosi, isiThunywa, iNdoda, uMuntu, enyameni yomuntu, edla ithole lenkomazi futhi ephuza ubisi lwayo, futhi edla isinkwa, wathi, "Uhlekeleni uSara, emuva emva kwaMi na?" Niyabo? Kucabange.

210 UJesu wathi, "Lokho kuyophinda futhi, njengoba kwakunjalo." Okwani? Manje khumbulani, leyo eYedwa ayikwenzanga lokho ezansi eSodoma. Yabonakalisa kuphela lesosibonakaliso enhla lapha eqenjini elikhethiwe elalingezukuba semlilweni. Khumbulani, lokho kwakungaphambi nje kokuba imibuso eyaziwayo yabeZizwe ushiswe. Futhi yilokho impela okuzokwenzeka manje. Yilokho esikubhekile, khona manje. "UNkulunkulu," uJesu wathi, "kuyobonakaliswa," ngale kwalokho, "ezinsukwini zokugcina, kuzidalwa ezingabantu. Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

211 Futhi, khumbulani, abakhethiweyo abazange babone noma yisiphi esinye isibonakaliso emva kwalokho. Akakaze nakanye uNkulunkulu abonakale kuAbrahama emva kwalokho. Akukho lutho olunye ezweni, kodwa uSara waguqulwa ngokushesha waba ngowesifazane omncane, noAbrahama waba yinsizwa; futhi behlela ezansi, futhi uAbimeleki wathandana naye futhi wayefuna ukumshada, futhi yena enekhulu leminyaka ubudala. Futhi bazala lomntwana. Ngani na? Babebheke indodana ethenjisiwe.

212 Futhi yilokho esikubhekile namhlanje, iNdodana ethenjisiwe. Futhi ngaphambi kokuba leyoNdodana ethenjisiwe

ifike, iBandla elikhethiwe lizobona uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni, esho izimfihlo zenhliziyo, futhi azi izinto engizenzile. "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

213 Khumbulani, eyodwa ezansi ngale eBab-, eSodoma kulobubusuku, ibanikeza umlayezo, umfowethu odumile, uBilly G-r-a-h-a-m, izinhlamvu eziyisithupha kuphela, G-r-a-h-a-m, (elakhe kwakungu A-b-r-a-h-a-m), isithunywa ebandleni elibizwa ngegama nje, ekuqhumisela kubo, impela. Futhi wenzani na? Isimangaliso esisodwa kuphela asenza, ubashaya ngobumpumputhe. Futhi ukushumayela iZwi kushaya ngobumpumputhe ongakholwayo. Yebo, wakholwa. Kusobala, uyakukholwa lokhu; kodwa wathunywa, washo, kulabosopolitiki, ukubashaya. Futhi lokho kunjalo impela, ngakho nango usezansi lapho eBabiloni lezwe, ezansi lapho e—eSodoma lesimodeni, eshumayela kulawomahlelo, egqongqa.

214 Futhi abantu abakwemukeli ngisho ngobuqotho. Ngobunye ubusuku, eLos Angeles, embuthanweni omkhulu, kubonakale amakhulu aphindwe ngamakhulu enyuka ukwenza izinqumo. Abantu abasha benyuka, injejana, ingqubuzana, futhi ihlafuna ushingamu, futhi idonsana izinwele, futhi yenza, yenyuka ukwenza isinqumo. Akumangalisi kuyiBabiloni! Akumangalisi kuyiSodoma! Yonke into ilungele ukushiswa.

215 UNkulunkulu ulapha. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Amandla aKhe ayafana nje namhlanje njengoba ayelokhu enjalo. Akehluleki. Akasoze ehluleka. UnguNkulunkulu. Ufanele ahlale enguNkulunkulu. Kunjalo! "Banumzane, sithanda ukubona uJesu," hhayi ukuzwa izihambisi-mshini, "ukubona amandla okuhambisa aKhe." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje kuleliviki sizoMbheka, sizoMbheka ukuba ahambe phakathi kwethu futhi asikhombise ukuthi Unguyena izolo, namuhla, naphakade.

216 Bukani ngenkathi Ebethelwa, abagxeki abadala, wona amasosha amaRoma adakiwe ephuma lapho futhi abeka indwangu yazungeza ubuso baKhe, futhi aMshaya ekhanda, athi, "Manje, uma Ungumprofethi, profetha futhi usitshele ukuthi ubani oKushayile." Niyabo? Akahlekisananga nodeveli. Akazange awuvule umlomo waKhe futhi asho izwi. Kusobala, Wayazi. Ayedlulise induku, elinye kwelinye, athi, "Sitshele ubani oKushayayo manje, futhi sizoKukholwa." Niyabo, lowo ngabagxeki, awakukholwanga. WayengumProfethi, kodwa Akahlekisi kubantu.

217 Lena akusiyo imibukiso emincane embukisweni. Lezi akusiyo into ethize, umbukiso wasemsamo. NguBukhona bukaJesu Kristu. NgaMandla aKhe phakathi kwabantu, futhi sifanele singene kuBo ngokujula kobuqotho.

218 USathane futhi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu! Wathi Wawungenza izimangaliso, ake ngiKubone wenza *lokhu*, noma wenza *lokho*."

219 Wathi, "Buyela emva kwaMi, Sathane. Uyabo, kulotshiwe," kunjalo, "ukuthi woyikhonza iNkosi, futhi wokhuleka kuYona yodwa." Ngakho si. . . Noma, "Khuleka eNkosini; wokhonza Yona yodwa."

220 Manje siyazi ukuthi Uyafana. Manje uma siza kulobubusuku, siyathola manje uma. . . UJesu angehluleke, ngoba WayenguNkulunkulu. UyiZwi. IZwi noKristu kuyafana. Manje-ke uma iZwi lithembisa (iZwi) ukuthi lokhu kuzokwenzeka ngezinsuku zokugcina, uMoya kaElija uzobuya ngisho nangosuku lokugcina, kunjalo, phezu kwabantu, futhi Uzophendula izinhliziyo zabantwana bawobaba zibuyele kobaba, iMfundiso, imigomo yeBhayibheli. Sebesuke bangena ehlelweni, inhlangano. Namandla amakhulu kaNkulunkulu azoza phezu kwabantu, nomnini wokuthula ozothumela izinhliziyo zabo zibuyele ekukhumbuleni ukuthi Usalokhu ehlezi enguNkulunkulu, ukuthi UnguNkulunkulu. UJesu wethembisa ukuthi izinto Azenza, amakholwa aKhe ayokwenza, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina."

Omunye umfo wathi, "O, siyayenza! Senza imisebenzi emikhulu kunayo."

221 Ngathi, "Yenzani imisebenzi Ayenzayo nje. Yilokho Akusho, niyabo. Yenzani lokho kuqala."

222 Wathi, "Awu, sinabazalwane bamahlelo ngapha, oshumayela iVangeli yonke indlela umhlaba jikelele. Akakwazanga ukukwenza."

223 Ngathi, "Khona-ke yenza imisebenzi Ayenza, kuqala, khona-ke sizokhuluma ngalokho."

224 Ngabe nifundisa imfundo ephakeme na? Kodwa uJesu akazange athi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nifundise *lokhu*, noma nifundise *lokho*." Wathi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli." *Ukushumayela* kunguku "bonakalisa amandla kaMoya oNgcwele." "Lezizibonakaliso ziyakubalandela," akufiki ngesifundo, kunjalo, niyabo, "abakholwayo." Akufiki ngezifundo. Kufika ngokuBukhona bukaNkulunkulu ophilayo ehamba phakathi, enyameni yomuntu, ezifakazela Yena uqobo ukuthi Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo. Akehluleki ukuba ngofanayo. Kuza kalula kakhulu. Ubulula baKho yilokho okuqhelisa umqondo wesihlakaniphi kuKho.

225 Yilokho okwabenza bamkholwa ngokungesikho uJesu. "Wayengakwenza kanjani umuntu. . . Ngani, Wazalelwa esonweni wena, Ungeza kanjani usifundisa ukuthi asenzeni na? Singababapristi. Obaba bethu babengababapristi, omkhulu bethu.

Thina, siyalazi leloBhayibheli, ngaphakathi nangaphandle. Futhi Uzama ukuza usitshela ukuthi asenzeni na?"

226 Wathi, "Nina ningababakayihlo, udeveli, futhi niyokwenza imisebenzi yakhe." Niyabo? Futhi, awu, he, leyo kwakuyinto exakile ukuyisho esigejaneni sabefundisi basesontweni abanjalo.

Kodwa wathi, "Awu, sinoMose. Si . . . Siyazi."

227 Wathi, "Uma benimkholiwe uMose, beniyakuNgazi," Wathi, "ngoba uMose wakhuluma ngaMi. UMose wakhuluma ngezinsuku zaMi. Futhi uma ningenakukholwa ngamazwi kaMose, nizoNgikholwa kanjani mina na?" Impela. Wathi, "Uma ningenakuNgikholwa, njengomuntu, khona-ke kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo; ifakaza ukuthi NginguBani."

228 Awu, leyo yinto efanayo. UMoya oNgcwele omkhulu, uMesiya, uGcobo, lufika phezu kwethu namhlanje, futhi Luveza khona impela ukuPhila kwaKhe.

229 Kuyafana nje njengoba uBeethoven ubenga—ubenga—ubengaveza uBeethoven futhi, ukuba ukuphila kukaBeethoven bekuphile kimi, ngani, ngangiyoqamba amaculo. Ukuba ukuphila kuJohn Dillinger kwakuphile kimi, bengiyoba yisingebengu. Ukuba ukuphila ko—komunye umuntu othize, noma ngabe wayeyini, lokho bekuyoba kimi, empilweni yami.

230 Futhi uma ukuPhila kukaJesu Kristu kukuwe, yilokho nje oyoba yikho. Niyabo, yilokho impela, uyokwenza imisebenzi yaKhe. UJesu washo njalo.

231 Ngiyazi ukuthi lokho kul'khuni kabi kubantu ongakholelwa kokuphezu kwemvelo, kanjalonjalo. Futhi ngileyithi kakhulu, bangani, kodwa ake ngisho lokhu kini, sengivala nje. Unga, ungavali inhliziyo yakho ngci kukho. Woza, nje yiba—nje yiba ngoqondakalayo, osile, niyabo.

232 Woza, funda imiBhalo futhi ubone uma lezozinto zinjalo, ubone uma kuyileyondlela izwe elaziyo ukuthi WayenguMesiya, ubone uma leyo kuyindlela Azikhomba ngayo Yena uqobo. Futhi uma Akwenza ngaleyonkathi leyondlela kulezozizwe ezimbili zabantu, bobabili umSamariya neJuda ngoba babeMbhekile, manje uma siMbhekile. Khumbulani, babekade benezinkulungwane zeminyaka zokufundisa, ngaphezu kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, yokufundisa ukuthi Wayeza nalokho Ayeyoba yikho. Futhi nxa Efika, yileyondlela Ayezikhomba ngayo Yena uqobo.

233 Awu, uma Efika futhi ekupheleni konyaka wabeZizwe, Uzofanele azikhombe Yena uqobo ngendlela efanayo, kungenjalo Akasuye izolo, namuhla, naphakade. Wabanika . . . Uma Ededela lonyaka wabeZizwe ungene, phansi komqondo wezihlakaniphi, khona-ke Wabalimaza ngempela, niyabo, ngoba

Wenza lokho ukubakhombisa ukuthi WayeyileloZwi. Futhi Ufanele enze into efanayo.

234 Ngisho nakuba babefundisiwe, babengabaholi abakhulu bezenkolo, bona, kude ngaphambili le kwalokho esinakho namhlanje. Babeyisizwe, isizwe esibuswa imithetho yeBhayibheli. Babenjalo. Thina, sifanele ukuba njalo, kodwa, o, bakithi, sonke siyazi ukuthi siqhele ngesigidi samamayela kukho. Abantu babengenakuphila ngalezozinsuku ngendlela abaphila ngayo manje. Amadoda anabesifazane abane noma abahlanu, nabafazi, babeyokhandwa ngamatshe. Ne—nezinto esizenzayo namhlanje, futhi sizibiza ngesizwe senkolo! Singeke sakwenza lokho . . . noma babengenakukwenza, njalo. Babenga . . . Singakwenza, kodwa bangeke. Ngoba, futhi, babefanele bafundiswe. Wonke owesilisa wayedinga asokwe. Wayefanele abe yilokho, kungenjalo wayekhandwa ngamatshe. Uma ngisho ethwale isisindo esikhulu kakhulu ngokosuku lweSabatha, wathwala u inki owenele ukwenza izincwadi amaletha eziningi kakhulu, wayekhandwa ngamatshe. Babefanele babe ngabezenkolo. Futhi babelitadisha leloBhayibheli, imini nobusuku, futhi nokho bakugeja ukwazi uMesiya wabo ngenkathi Ema phakathi kwabo ngqo, ngenkathi iBhayibheli libatshela ukuthi yilokho impela Ayeyoba yikho.

235 Manje, sazi kanjani. Uma ngithi, "Ngabe nginaso isandla na?" Angazi noma *lesi* sizokwenza isithunzi noma qha; qhabo, ngukukhanya okukhulu kakhulu. Kodwa uma umi uqhelile ekukhanyeni, ubuka isandla sakho, uyabona ukuthi isithunzi siyini. Uma ungakaze usibone isandla sakho noma ungakaze uzibone wena uqobo, uma ubona ukuthi isithunzi sakho siyini khona-ke uyazi ukuthi kuzoba yini kokwangempela, ngoba kubonisa kuphela lokho oyikho. Niyabo?

236 Manje siyazi ukuthi uKristu wayeyini, njengesithunzi, indlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo. Niyabo? Futhi siyazi emuva lapho ukuthi Wenzeni, manje kufanele kuboniswe kithi. IVangeli, uKristu, indlela ALibonisa ngayo lapho, indlela ALibonisa ngayo namhlanje, lokho kuMenza abe nguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

237 Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje senzele umkhuleko. Manje wonke umuntu nihloniphe ngokuzithoba ngakho konke nje eningaba yikho, okwemizuzwana nje embalwa manje.

238 Ngiyaxolisa ukuthi uBilly akazange athole ukuthi anikezele ngamakhadi omkhuleko. Ngi—ngiyaxolisa ngalokho. Sizowakhipha, kusasa, ngiqagele, enkonzweni, noma lindani . . . Ninayo inkonzo yasekuseni na? Qhabo. Kuzoba yinkonzo yasebusuku, wozani kusasa ebusuku cishe ngelesikhombisa,

iyishumi nanhlanu kwelesikhombisa, futhi nemukele amakhadi enu omkhuleko. Sizobe sikhulekela abagulayo, iNkosi ithanda.

239 UJesu Kristu ungumphilisi. Manje khumbulani, bangani, akukho-muntu ongumphilisi. Qhabo. Akukho-muntu onguMsindisi. UJesu Kristu, "Yalinyazwa ngeziphambeko zenu." Sonke isoni sithethelelwe kuJesu Kristu, kodwa akuyikukusiza ngalutho uze ukwemukele. "Ngemivimbo yaYo naphiliswa." Ufanele ukukholwe manje. "Na," hhayi ukuthi niyo. Senivele, kodwa nifanele nikwemukele. Manje kukholweni ngayo yonke inhliziyo yenu.

240 Ake nisho, bengicabanga nje. Kambe, bangaki phakathi lapha ngempela okukholwayo ebusukwini bokuqala, phakamisani izandla zenu, niyakukholwa ukuthi enginitshele khona kuyiQiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

241 Asikhuleke. Asizukulinda-makhadi omkhuleko. UMoya oNgcwele mkhulu nje manje njengoba Ubenjalo ukuba ubunekhadi lomkhuleko. Ikhadi lomkhuleko alenzi lutho kodwa likunika . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

242 Khothamisani amakhanda enu. Ngifuna ukunibuza okuthize. Ngesinye isikhathi, uJesu waseNazaretha . . . Uma nake nangibamba ngenza noma yini engesikho okombhalo, leliBhayibheli elingayisho, nibophezelekile ukuba nize kimi, niyabo, ukuba ningitshele. UJesu Kristu wathi . . .

243 Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wayenyuka enqamula ulwandle, futhi Wama. Futhi esendleleni yaKhe, kwakukhona indoda eza kuYe, egama linguJayiru, futhi waye . . . intombazanyana yakhe yayigula kakhulu, futhi yayifa. Ngokukhuluma ngokusobala, yafa Engakafiki lapho.

244 Futhi kwakunowesifazane, mhlampe wayakhe phezulu egqumeni, owayezwile ngaYe, nokukholwa kwakhe ngempela kwakholwa ukuthi kwakuyikho, WayenguMesiya.

245 Ngakho kwakunabaningi bababhali nabaFarisi bemi eduze, bethi, "Ungayilaleli leyoNdoda. LeyoNdoda izokudabula wonke, udidekile. Uzobe ushiya isinagoge. I—Ingeke . . . Wena, awuzukwazi ukuthi yini ozoyikholwa. Ungayilaleli leyoNdoda."

246 Kodwa lokho akumisanga lona wesifazane omncane. IBhayibheli lathi wayekade enomopho iminyaka eminingi. Futhi wayechithe konke okokuziphilisa kwakhe futhi ukunika odokotela. Nodokotela akungabazeki babezame kanzima ukusiza owesifazane omncane, kodwa abakwazanga ukukwenza. Wayesalokhu enokopha kwegazi, wayesephaphathekile, mhlampe wayebukeka exhwalile. Futhi khona manjalo, wezwa. "Owani lomsindo ezansi lapho osebeni na?"

Bathi, "LowomProfethi waseGalile uyeza uyedlula."

"LowoJesu?"

247 Niyabo, u*Jesu* yigama lesiJuda nje elijwayelekile. Ngazana nabantu abaningi ababizwa ngoJesu. Khona impela lapho engihlala khona lapho eArizona, ngazi amathathu noma amane amadoda khona lapho, ngisho abefundisi, ababizwa ngoJesu.

248 Kodwa lona nguJesu uKristu, Ogcotshiweyo, niyabo, iNdodana kaNkulunkulu; futhi lomProfethi, uJesu, wayeza edlula. Wayekwazi lokho, ukuthi Wayengumprofethi. Futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayeyiZwi, futhi Uza kubaprofethi baKhe, ngakho wathi, "Uma kuphela ngingathinta leyongubo yeNdoda, ngizosinda."

249 Niyejwayele indaba na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Khumbulani, wacindezela esixukwini.

250 Manje, noma ubani uyayazi ingubo yasePalestina, inengubo yangaphansi nengubo ende, futhi ishwibeka ngokukhululeka uma behamba. Bonke abesilisa, abesifazane, futhi bonke, babezigqoka. Futhi zehlele ezansi, futhi banakho njengesokisi elide phezu kwemilenze yabo—yabo, nezinto, ukususa uthuli nento ekuhlaleni ezithweni zabo. Futhi lapho behamba, kusobala, ingubo icosha uthuli.

251 Futhi ngakho lapho bedlula, mhlampe wayegaqazele ngakubo. Futhi wonke umuntu wayebeka izingalo zabo ngakuYe, "Rabi! *S'bani-bani!*" Nabanye babo bethi, "Awu, Ungu . . . akukho lutho kuYe." Leso yizixuku ezixubile, sinakho kuyoyonke indawo. Kodwa lona wesifazane omncane uza wedlula futhi wathinta umphetho wengubo yaKhe.

252 Leyo kwakuyingubo yaKhe yangaphandle. Manje, nina, angisoze ngakuzwa, noma ubungeke uma ngithinte ibhantshi lakho, noma uthinte elami, futhi lona lincike ngakuwe. Lengubo egxegayo yesePalestina, ilenga *ka*ngako ukusuka ezinyaweni zaKhe, kusobala, ngokwenyama, Akazange akuzwe. Futhi wathinta ingubo yaKhe, wabuyela emuva, uhlala phansi, noma ngabe yini ayenza.

253 UJesu wama, futhi wathi, "Ubani oNgithintile na?" Ngabe lelo yiqiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Manje bhekisisani.

254 Manje, lowo kwakunguJesu izolo. Futhi akukhomuntu owasho lutho, futhi Waqalaza phezu kwezethameli waze Wathola ukuthi lokho kukholwa kwakukuphi, futhi Wakwembula kuye. Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile. Ukopha kwakho kunqamukile." Kunjalo na? "Ukukholwa kwakho." Manje, lowo kwakunguJesu izolo. Manje ngu, manje iBhayibheli lasho . . .

255 Manje ngiyazi kunabefundisi abaningi nezifundiswa ezinkulu ezinekhono ezihlezi lapha. Manje alisho yini iBhayibheli, eNcwadini yamaHeberu 3, ukuthi, "Khona manje ungumPristi oMkhulu, ephilela njalo ukunxusela phezu kokuvuma kwethu"? Kunjalo na? "UmPristi oMkhulu ephilela

njalo ukunxusela, futhi unokuzwelana nobuthakathaka bethu." Kunjalo na? Manje uma uMthintile, ubuyokwazi kanjani ukuthi ubuMthintile na? Ubeyokwenza ngokufanayo njengoba Enza izolo. Kunjalo na? Niyabo?

256 Manje uma uMthinta, Yena, hhayi omunye; Yena, Mthinte. UngumPristi oMkhulu, futhi uyaMthinta ngokuzwelana nobuthakathaka bakho. "Nkosi Jesu, ngiyagula. Ngifanele ngife, odokotela bangitshele ukuthi angeke ngiphile, kodwa ngandlela thize. . . noma ngichithe imali yami. A—angeke ngisho ngikwazi ukuya kudokotela." Futhi noma ngabe yini enye ukuthi inkathazo yakho iyini, noma, ngisho, "Angikaze ngiye kudokotela," noma ngabe kuyini. Futhi uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyinceku yaKho." Futhi uma ungesiyo, yithi, "Ngizoba yinceku yaKho. Mina, ngiyaKukholwa. Kunento ethize ngalokho okufundiwe kulobubusuku, futhi kwashiwo kimi, kuzwakala njengeBhayibheli. Futhi ngiLifundile futhi ngiyazi lokho yiqiniso. Nalendoda izama ukuphosela inselelo ukukholwa kwethu lapha, iphosela inselelo ukukholwa kwethu, khona lapha eDolobheni laseNew York, eNew York; futhi isitshela ukuthi Uhlala ufana, ukuthi khona manje UngumPristi oMkhulu futhi uzokwenza phezu kwento efanayo, uma kuphela ngingaKuthinta. Nkosi, mangithinte ingubo yaKho."

257 Manje ubuyokwazi kanjani na? Manje, indlela kuphela okwazi ngayo, "Manje, ngiyazi ukuthi uMfowethu Branham akangazi, futhi uyindoda nje, niyabo. Uyindoda nje imi lapho, yilokho kuphela. Akazi lutho ngami. Kodwa uma ngingaKuthinta, khona-ke Ukhulume kuye futhi umvumele akhulume kimi."

258 Isizathu, uNkulunkulu usebenza kuphela ngokusetshenzelwa ngamadoda. Bangaki okwaziyo lokho na? Lokho kunjalo impela. Akenzi lutho neze ngaphandle kwamadoda. Qhabo, mnumzane. "Akenzi lutho aze kuqala Akwembule kubaprofethi baKhe." Ngabe yilokho iBhayibheli elakusho na? Lowo ngabashumayeli baKhe. Ya.

259 Manje kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uthi, "Nkosi Jesu, aku. . . " Manje unga—ungabi novalo, uxhuxhume, uyabo; uzicindezela wena, ugxumela phezu kwechopho lakho, uzama ukukwenza into ethize. Awu, kulula nje.

260 Manje bangaki phakathi lapha oyisihambi kimi, futhi egula na? Asikubone uphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngi—ngidinga ukuphiliswa." Awu, kulungile, ngokwangempela wonke umuntu.

261 Angazi muntu lapha, impela, engingakhuluma kuye, noma engimaziyo. Ngazi loMfowethu Anthony ehlezi lapha. Ngi. . . lokho kuthi akube. . . Futhi manje, mfowethu, ngikholwa ukuthi lowo nguMfowethu Tyler ohlezi khona lapho, ngiyakholwa.

Lowo akusuye yini uMfowethu Pat Tyler na? Ya. Kulungile. Futhi ngikucabangile lokho.

262 Manje ukwazi noma ubani nje omunye, ngingahle—ngahle ukuba ngikubonile, futhi ungahle ukuba ungibonile, kodwa uBaba waseZulwini uyazi ukuthi angiqondi-muntu ngalesisikhathi emuva phakathi lapha. Yebo, ngiyamazi lomfana ohlezi lapha ethatha amateyipu, ngoba ungomunye wabafana bethu bamateyipu. Futhi ngaphandle kwalokho . . . Uyise ufanele ukuba lapha ndawondawo, ngoba ngicabanga ukuthi bandawonye. Ngabe ukhona, Mfowethu Sothmann na? Ukuphi na? O, kusemuva le ngemuva. Kulungile.

263 Manje wena qobo lwakho, ngiyazi siba leyithi, futhi si . . . Ngiqagele fanele ngabe kade siphumile lapha, kodwa nje—nje umzuzwana.

264 Kunento eyodwa yokusho noma yini, futhi kunento eyodwa ngoNkulunkulu ukufakazisa ukuthi iqinisile. Manje uma ngithi unelungelo loku dis- . . . Qhabo, awunalo ilungelo lokuyikholwa ngokungesikho, ngoba ngiyifunda eBhayibheli, niyabo. Niyabo? Kodwa manje uma uNkulunkulu ekuqinisa lokho ngokuthi kunjalo, khona-ke nizokwazi ukuthi kuyikho noma qha.

Manje ngokuthobeka nje asikhothamise amakhanda ethu ngomkhuleko.

265 Nkosi Jesu, ngiyazi lena yinselelo enkulu. Yinselelo ukuthi mhlawumbe ebengi—ngi—ngingafanele ukuyenza. Angazi. Kodwa ngizwa ukuthi abaningi balababantu obekulemihlangano ngaphambili, bona, bayaKwazi futhi bayazi ukuthi U—Usemhlabeni namhlanje. Futhi bayazi ukuthi U—Uyaligcina iZwi laKho ngokuzimela kwaKho uqobo ngokumelwa ngumuntu. Futhi, Nkosi, uma nje Uzokhuluma ngisho nakumuntu oyedwa, noma ababili, noma mhlawumbe abathathu. Futhi Lathi, “Ngomlomo wababili noma ofakazi abathathu, onke amazwi mawaqiniswe.” Kwenze okungenani abantu abathathu lapha, Nkosi, abangaziwa kimi, ukuthi Uzokhuluma kubo. Futhi mabathinte ingubo yaKho, bese Ungivumela nje ngibone umbono futhi ngazi ukuthi angithini. UMoya oNgcwele mawusebenzise izindebe zami, njengoba Wenzile, futhi ngomusa kakhulu, Nkosi, umuntu ongafanele kanje. Futhi akukho namunye wethu ofanele, namunye wethu; kodwa ukhona ofanele akwenze, ngakho ngi—ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokwenza kulobubusuku. Uzokwenza na? Ukuze nje kwaziwe, kulelidolobha elikhulu elilahlelwe ukwahlulelwa, kafishane. Umhlaba wonke, siyazi, ngeke ume kulesisimo. Futhi kungahle kube nabantu lapha abangasophinde bame futhi, mhlawumbe kungakho ngenza lokhu, ngisho lokhu. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzokwenza leliZwi engilishumayelile, YiZwi laKho, maLaziwe, eGameni likaJesu.

266 Manje yibani nilokhu nikhothamise amakhanda enu, futhi nje nikhuleke, nithi, "Nkosi Jesu, mangithinte ingubo yaKho." Manje uma usuqedile ukukhuleka, khona-ke ubheke phezulu ngapha, ukuze u . . .

267 Manje, angisho ukuthi bhekani mina, nonke niyakwazi lokho. NjengoPetru noJohane bedlula esangweni elithiwa liHle, futhi bathi endodeni eyayikhubazekile, "sibheke," lokho kwakungasho ukuthi . . . Ngamany'amazwi, "kunakeni enginitshela khona."

268 Manje khuleka, futhi uthi, "Nkosi Jesu, uMfowethu Branham akangazi, kodwa Wena uyangazi. Ngivumele nje ngithinte ingubo yaKho, ngoba usanda kungitshela nje ukuthi Wena u 'ngumPristi oMkhulu onokuzwelana' nobuthakathaka bami, futhi wangitshela ukuthi U 'nguwena izolo, namuhla, naphakade,' nokuthi Ubuzophendula nje ngendlela efanayo Owenza ngayo ngaleyonkathi ngenkathi lowo wesifazane ethinta ingubo yaKho. Futhi ngempela kuzosusa konke ukungabaza kimi, ngoba ngi—ngizokwazi-ke ukuthi Unguwena izolo, namuhla, naphakade."

269 Futhi manje-ke umBhalo uzogcwaliseka impela. Singamazi uJesu, kulobubusuku, njengoba sasiMazi ngaleyonkathi. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Uma ngingene nezibazi zezipikili esandleni sami, bengiyoba . . . bekuyoba ngumzenzisi. Ubungeke uMazi ngalokho. Ubungeke uMazi ngendlela Ayegqoka ngayo. UMazi ngokuPhila kwaKhe, yilokho okwaMkhomba njengokuba yiNceku kaNkulunkulu, umProfethi.

Manje khulekani nje, futhi nibe nokukholwa.

270 Nanti inenekazi. Angifuni kusho lutho kulo, ngoba ningabona ukuthi yini engalungile kulo. Inenekazi lihlezi lapha, ngikholwa ukuthi yikho, linesifo sokuvuvuka komphimbo elikhuleka mayelana naso. Asibonakali entanyeni yalo. Kodwa ungabuka entanyeni yalo ngendlela nje, futhi, futhi ngenkathi liphenya isiketi salo, kuyabonakala. Angikwazi. Kodwa uma uzokholwa ngayoyonke inhliziyo yakho, lokho kuzosuka kuwe. Yebo. Ngi—ngi—ngi—ngi . . .

271 Uma nje—nje uzoba nokukholwa manje, ungangabazi nje. Khuleka nje, futhi uthi, "Nkosi Jesu, ngilindele ukuthinta ingubo yaKho. Zembule Wena uqobo kimi."

272 Wena uthi, "Ubhekeni, Mfowethu Branham na?" Umbono.

273 Manje hloniphani ngempela. Ninga, ningayaluzi, niyabo, niyabo, niyaphazamisa. Hloniphani ngempela nje.

274 Lapha, bhekisisani lokhu, bukani lapha. Nanti inenekazi khona phakathi lapha, likhuleka, lihlezi, lingibuka ngqo. Ngibona ukuconsa kwegazi. Kusesiswini. Linesisu esivuza igazi. Uma uzokholwa! Ngabe kunjalo, nenekazi na? Phakamisa

izandla zakho. Ngiyisihambi kuwe. Angikwazi, kodwa lokho kuqinisile. Sekunqamukile nje manje. Ukukholwa kwakho!

275 Ngifuna ukunibuza, owesifazane uthinteni na? Angimazi. Angikaze ngimbone empilweni yami. Ngowesifazane nje, yilokho kuphela engikwaziyo. Niyabo?

276 Nanti inenekazi phezulu lapha ekupheleni kwe . . . phandle lapha ngasekupheleni komugqa. Kuthe nje ngaleyonkathi ngakubona kwenzeka, kubonakale sengathi kubonise kwelinye inenekazi njengamanje. Lelo yilo. Linenkathazo yeqolo futhi li . . . Kukhona okungalungile ngeqolo lakho.

277 Beka isandla sakho phezu kwenenekazi eliseceleni kwakho, linokuthize okungalungile eqolo lalo, nalo. Kulungile. Kul'khuni ukuba lehle lenyuka.

278 Inenekazi elihlezi eceleni kwakho liyaphuphutheka, leli elinye elingakulolu olunye uhlangothi, liyaphuphutheka. Ngifuna wena ubeke izandla zakho phezu kwalo, nawe. Kunjalo. Kunjalo. Manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kuzophela. Manje bhekisisani ukuthi kwenzekani.

279 Uyakholwa na? Ngibona ithunzi elimnyama lilenga khona emuva lapha, liphezu kowesifazane ozihluphekelayo. Uzofa; unomdlavuza. Niyabo, uma uNkulunkulu engalithinti, lifanele life. Ngiqinisekile lizo . . . Nkulunkulu, ngisize. Nkk. Katur, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uJesu Kristu uzokusindisa. Uyakukholwa na? K-a-t-u-r, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uJesu Kristu uyakuphilisa. Sukuma, nenekazi, futhi unike uNkulunkulu udumo. Kulungile, ungaya ekhaya futhi usinde. Angikaze ngimbone owesifazane, empilweni yami. Angikaze ngimbone, empilweni yami. Uyisihambi uqobo kimi.

Wena uthi, "Awu, umbize ngegama lakhe."

280 Awu, lokho akungaphezulu. UJesu wabiza uSimoni ngegama, wamtshela ukuthi igama lakhe lalinguSimoni, ukuthi uyise wayeyini. Kunjalo na? "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

281 "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Anikukholwa lokho na? Anikholwa yini ukuthi niseBukhoneni baKhe ngqo manje na? Bangaki abakukholwayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sithanda ukubona uJesu manje, uJesu Kristu! Manje, bekungesimi ophilise labobantu. Manje nakhu Kuhamba futhi. Niyabo? Kulungile, yibani nokukholwa.

282 Ngiyanitshela ukuthi yenzani ini khona manje. Nina makholwa bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, kanje, niyabo, beka isandla sakho phezu komunye oseceleni kwakho. UJesu, ngizocaphuna amaZwi okugcina Awasho ngenkathi Eshiya umhlaba, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela

abakholwayo." Nithe nikholiwe na? "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

283 Kusobala, sinokukholwa futhi sinokungakholwa, kuxubene. Sihlala njalo sinalokho. Njalo kunezigaba ezintathu zabantu; amakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo. Futhi sinakho lokho, futhi. Kodwa umthandazo wenu manje, lapho enihlezi khona, yiba nokukholwa ngomuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe. "Kholwani," uJesu Kristu washo lokhu.

284 Khumbulani manje, uma ningakholwa, qaphelani ngempela, ngoba lezizifo zisuka komunye ziye komunye. Siyakwazi lokho. Siyakufunda eBhayibhelini, lapho imimoya emibi yaphuma komunye yangena ngqo komunye. Futhi sikubona konke . . . Abaningi benu uke wabakhona emihlanganweni futhi wakubona. Uma lokho kunjalo, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, abantu ufa uhlangothi, futhi bashayeka baba yizimungulu, bafe, khona lapho emhlanganweni, yonke into.

285 Manje ngendlela okhuleka ngayo, awuzikhulekeli wena uqobo. Ukhulekela loyo obeke izandla zakho phezu kwakhe. Niyabo, khulekela bona.

286 Futhi manje uma kukhona umuntu phakathi lapha, besaxhumene kanjalo, ongesuye umKristu, futhi ufuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi wakho, ungakwazisa ngokuma ngezinyawo zakho nje, uthi, "Ngifuna ukwemukela uJesu njengoMsindisi wami, khona manje, eBukhoneni baKhe. Ngifuna ukusukuma, ukukhombisa kulenhlangano yebandla, ngingubufakazi kuJesu Kristu. NgizoMemukela khona manje, njengoMsindisi wami." Uma ungakaze ukwenze lokhu ngaphambili, unelungelo lakho lokuma manje. Uzo . . . Mela Yena manje, Uzokumela kamuva uma usu—ususeNkantolo yokwaHlulelwa. Uma ungesuye umKristu, kwemukele manje.

287 Nani obeke izandla zenu phezu komunye nomunye manje, khulekelanani. Manje khumbulani, bakhulekela nina, bakhulekeleni. Manje ngizokhuleka phezulu lapha, nani, ngenzele bonke lababantu.

288 UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mfowethu. Nkulunkulu waseZulwini, yiba nesihawu. Lokho kuhle kakhulu, into ewubuqhawe. Angabakhona yini omunye omayo, othi . . . UJesu uyakwazi. "Akekho ongeza . . . " UNkulunkulu akubusise, dade. Lokho kuhle.

289 Bonani nje uBukhona bukaJesu Kristu bungena emhlanganweni futhi benza khona impela Akwenza emBhalweni. Lokho kungokungenakwenzeka nhlobo ukuba umuntu enze lokho. Kuthatha uMoya ukwenza lokho.

290 Manje uma nifuna uKukubiza ngokuthi, njengabaFarisi, "umoya omubi," khona-ke nizowemukela lowomvuzo.

291 Futhi uma niKubiza ngokuthi, "uMoya kaNkulunkulu," khona-ke Kwemukeleni. Kwemukeleni njengoMsindisi wenu, ngokuba UnguJesu Kristu, nguyena kuphela uMsindisi wezwe. Futhi Uyi—UyiNdodana kaNkulunkulu, eyafela nina, Ilapha kulobubusuku kumuntu kaMoya oNgcwele. Isenguye uJesu, isenguye uJesu Kristu kumuntu kaMoya oNgcwele, onguKristu esimweni sikaMoya. Futhi uma ningakaze niMemukele njengoMsindisi, ningasukuma nje, niyazi, futhi Uzonifakazela uma nizoMfakazela.

292 Abanye basukumile. Uma ekhona omunye, ngokukhulu ukushesha singakakhuleki; uNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, eBukhoneni baKhe. Lokho kuhle. Abaningi, lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, dade. UNkulunkulu akubusise, emuva le, indoda isivele iyama, iphakamise izandla zayo. UNkulunkulu akubusise. Futhi uNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuyamangalisa. Kunjalo. Mthatheni khona manje.

293 Khumbulani, khona manje, eGameni likaJesu Kristu, akukho-mpilo phakathi lapha ebingacashela uNkulunkulu khona manje, kodwa lokho Abengakwembula kimi impela nje. Niyakwazi lokho. Nina, abaningi benu ubephakathi; nonke obusemihlanganweni ngaphambili, futhi niKubona nje kujikajika kakhulu kakhulu, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Niyazi kuqinisile. Futhi khona manje, ngiyazi kunabantu lapha abafanele ukuzinikela kuKristu. Ngiyacela kwenzeni. Ngiyacela kwenzeni manje nise—nisenethuba, eBukhoneni baKhe bobuNkulunkulu. O, hlolani! Kungahle ukuba sesileyithi kunoma sicabanga, khona manje.

294 Ngenkathi Yena, uBukhona bobukhosi baKhe, bungena futhi busibusisa, futhi bufakazisa ngomBhalo, naNgu, iZwi liqinisiwe. Abantu abayisishiyagalombili noma abayishumi khona lapha, bephilisiwe, behlezi khona lapha. Futhi kungaphezulu. Uma nizothatha izwi lami, njengenceku yaKhe, lokho kuKhanya enikubona esithombeni isayense enakho khona lapha eWashington, DC, njengo, "Bukhona kuphela obungaphezu kwemvelo obake bathwetshulwa," lokho kuKhanya kushaya indingilizi nje kulendlu, kuzungeza kuzungeza, futhi kuzungeza kuzungeza. Manje, kunjalo.

295 Manje kholwani. UJesu Kristu washo, amaZwi okugcina Awasho ngenkathi Eshiya umhlaba, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda."

296 "Futhi Wemukelwa phezulu eNkazimulweni. Futhi baphumela ndawozonke, beshumayela, iNkosi isebenza nabo, iqinisa iZwi nezibonakaliso zilandela."

297 Khulekelanani manje ngisanikhulekela ngikulepulpiti.

298 Nkosi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu Eyavuka kwabafileyo, ngosuku lwesithathu, ukufa nesihogo kwakungenakuYibamba. Yenyukela kweliPhezulu, yahlala phansi ngakwesokunene soMkhulu kweliPhezulu, ukuya lapho Ephila khona njalonjalo ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Futhi manje, noBukhona baYo obusemqoka lapha esimweni sikaMoya oNgcwele, owenze umsebenzi futhi wabona imicabango osezinhliziyweni zabantu, wabatshela izifo zabo, wamemezela ukuthi baphilisiwe. O Nkulunkulu, ukubona umsebenzi waKho onamandla omkhulu; wazi ukuthi kulolu oluphambeneyo, usuku oluxovekile, olugcwele ezombusazwe, olugcwele ezombusazwe zebandla, olugcwele zonke izinhlobo zezinto, nokho uNkulunkulu ophilayo ukhona ngqo nathi lapha kulobubusuku. Akukho sifundo, akukho lutho kodwa ubufakazi obubonakalayo, uMoya oNgcwele, phakathi kwethu ngqo, uJesu Kristu enza lezizinto njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni. O Nkulunkulu, yiba nesihawu!

299 Futhi, Sathane, uyazibona izandla zalababantu zibekwe phezu komunye nomunye. Uyisidalwa esehluliwe. Ungeke usababamba lababantu. Ngiyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ukuba udedele lababantu futhi uphume kubo. Phuma, kugula nokuhlupheka, kulababantu. Ngiyakufungisa, eGameni likaJesu Kristu, ukuba ubayeke.

300 Kukholweni manje ngayo yonke inhliziyo yenu! Uma nikukholwa, yimani ngezinyawo zenu manje futhi nikwemukele. Phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu, nithi, “Manje ngiyakwemukela ukuphiliswa kwami. Ngiyakholwa.” Manje phakamisani izandla zenu futhi niMnike udumo, nithi, “SiyaKubonga, Nkosi Jesu!”

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org